# NjengoKhozi Luhlakaza Isidleke Salo

Ngiyabonga, kakhulu.

2 INkosi inibusise, bafowethu nodadewethu. Ngijabule kakhulu ukubuyela etabernakele futhi kulentambama, ibandla.

Niyazi, wena uthi, "Awu, leli akusilo ibandla, lesi yisakhiwo iLegion."

3 Yibandla ngenkathi iBandla liphakathi lapha. Futhi uNkulunkulu useBandleni laKhe. Ngabe kunjalo na? UNkulunkulu ukubantu baKhe, ngakho abantu baKhe uyiBandla laKhe. Ngakho-ke silapha, sonke sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, sijabulela inhlanganyelo ebusisiwe, ngenkathi iGazi likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, lisihlanza kukho konke ukungcola. Akumangalisi lokho na? Sikhululekile nje noma ngasiphi isikhathi iNkosi efuna ukusibiza ngaso, sithatha nje indiza encane bese sigxumela ngqo eZulwini, cishe emizuzwaneni emibili nje emva kokuba sesihambile. Akukuhle lokho na? Isiqiniseko esibusisiwe esinje pho!

4 Ngangikhuluma ngesinye isikhathi esedlule kwiChristian Business Men e, ngikholwa ukuthi kwakuseTijuana, qhabo, ngiyaxolisa, kwakuse—seJamaica, eKingston, eJamaica, futhi babenabo bonke abantu abadumileyo nenqwaba yabaseCuba enhla lapho. Futhi ngalobobusuku omunye wathi kimi, emva kokuba sengiqedile ukukhuluma, wathi . . . Si—sibamba izinkonzo zethu emzileni womjaho, kodwa ngehlela kwenye indawo enkulu nosaziwayo, niyazi, ukukhuluma ngalobobusuku. Futhi wathi, "Awusho," wathi, "u—uyilowomshumayeli phezulu lapha, awusuye na?"

Ngase ngithi, "Yebo, mnumzane."

Wathi, "Wenzani ezansi lapha nalaba osomabhizinisi na?"

Ngathi, "Ngingusomabhizinisi."

"O," wathi, "Bengingazi."

Ngathi, "Ya, ngingusomabhizinisi."

Wathi, "Nhloboni yebhizinisi okuyo na?"

Ngathi, "Ibhizinisi lomshwalense."

Wathi, "Hlobo luni lwebhizinisi lomshwalense na?"

5 Ngathi, "Umshwalense wokuPhila okuPhakade." Ngisesebhizinisini. Manje, uma noma ubani lapha enentshisekelo yokukhuluma nami ngepholisi yomshwalense,

bengiyojabula ukukhuluma nawe noma ngasiphi isikhathi, umshwalense wokuPhila okuPhakade.

6 Ngaya esikoleni nomfana, uWilmer Snyder, umufo okahle kakhulu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

7 . . . Ncwadi kaDuteronomi 32:11:

> *Njengokhozi olunyakazisa isidleke salo, lubhakuza phezu kwamazinyane alo, . . . luthatha . . .* phezulu *ngamaphiko alo,* futhi *lawathwala* phezulu.

8 Manje, indaba enginikeza ukukhuluma ngayo namhlanje bekungukuthi, "UKhozi Luhlakaza Isidleke Salo." *NjengoKhozi Luhlakaza Isidleke Salo.*

9 Futhi ngakho angizukunihlalisa isikhathi eside kakhulu manje, ukuthi kuzoba nesikhathi eningalungela ngaso futhi niye esontweni. Ninenkonzo enhle kulokhu ukusa, wonke umuntu na? O . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

10 . . . wafanisa ifa laKhe nokhozi. Niyazi, ngathola ukufunda ngezinkozi ngesinye isikhathi, futhi ngithola ukuthi kukhona cishe izinhlobo ezingamashumi amane ezehlukene zezinkozi, futhi cishe izinhlobo eziyisishiyagalombili ezehlukene ezibalulwayo eBhayibhelini.

11 Ezinye zazo, bazisho njenge, ukuthi ezinye zazo zazingamanqe ngoba zidla isibhucu, kodwa lokho kwakuyiphutha. Bengingahluka nje nomuntu owabhala, ngoba ngiyazazi izinkozi. Izinkozi zidla kuphela inyama ephilayo, amanqe adla—adla isibhucu. Kodwa ukhozi lwangempela lubulala inyama yalo uqobo, lufanele lube nayo ifreshi, njengebhere elimpunga nje nebhere elimnyama. Ibhere elimnyama lingumthuthambi, li—lidla isibhucu. Kodwa—kodwa ibhere elimpunga, lifanele libulale efreshi njalo ebusuku, noma lapho lizodla, liyadla. Futhi lunjalo nokhozi, ukhozi luthola inyama efreshi. Alufuni noma yini eyonakele, noma insalela, noma olukushiyelwe, lu—lufuna ukuthola inyama yalo—yalo uqobo.

12 Ngakho sibuka ebusweni bendaba enkulu, nenyoni enkulu. Futhi ngangihlala ngiluthanda njalo ukhozi, nakuba lungibangele inqwaba yenkathazo, ludle inyamazane idiye eningi engiyibulalayo, kodwa ngi—ngisenayo inhlonipho ngalo. Luyinyoni ezingelayo, futhi lona impela igama *ukhozi*, qobo lwalo, lisho "umklebhuli ngomlomo," luklebhula ngomlomo walo bese-ke lidla.

13 Futhi leyo yindlela enhle yokukubuka, ubizo lukaNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu uphakela ngomlomo waKhe, nomlomo waKhe uyiZwi laKhe, lapho iZwi laKhe livela khona. Futhi Wafanisa ifa laKhe, thina, nezinkozi zaKhe ezincane. Futhi Yena qobo lwaKhe unguJehova-Khozi. Benikwazi lokho na? UNkulunkulu Uzisho ukuthi

unguJehova-Khozi, UluKhozi qobo lwaKhe. UnguBaba-Khozi, futhi siyizinkozi ezincane, abantwana baKhe.

14 Futhi ngifunde okuningi kakhulu ngezinkozi, njengoba ngizifundisisile, futhi ngingumthandi omkhulu wemvelo. Imvelo yilapho engaqala khona ukuthola uNkulunkulu, ukuba ngiMbhekisise. Ngizibhekile izimbali ngenkathi ngisengumfana oyisoni nje, futhi ngibona izimbali ezincane, isithwathwa sasizishaya, futhi zazikhothamisa amakhanda azo amancane, nencane, imbewu emnyama yayiqathaka kuzo.

15 Futhi niyazi ukuthi zazinodwendwe lomngcwabo wezimbali na? Senake nakwazi lokho na? Impela, uNkulunkulu unodwendwe lomngcwabo, impela unalo. Izimvula zasekwindla ziyafika, futhi nje ikhale izinyembezi ezinkulu kakhulu phansi, ingcwaba lezozimbewu zezimbali, impela iyakwenza. Unodwendwe lomngcwabo.

16 Bese-ke zilala lapho, ngesikhathi sasebusika, ngani, umhlabathi uba yiqhwa, nesiqu esincane siyoma, isigaxa sembali siyabuna, izigcebe azisekho, imbewu encane iba yiqhwa, iqhume ivuleke, wonke uginindela embewini uyaphuma. Ungahle uthole idlanzana lalokho kungcola, ukwehlisele endlini yokucwaningela, bese ukuhlola ukuphindaphinda, futhi ukuphindaphinda, futhi awusoze wathola lutho lwaleyombewu olusele phakathi lapho, kodwa nje ake ilanga liqale ukukhanya. Kukhona imbewana yokuphila ndawo ndawo uNkulunkulu ayifihlile kuleyombewu ndawo ndawo kulowomhlabathi, kuleyombewu, iyophila futhi.

17 Futhi ngacabanga, "Uma uNkulunkulu enza indlela yokuba *imbewu* iphile futhi, U*nge*nzele kakhulu kangakanani indlela yokuba ngiphile futhi, na*we* ukuba ubuye uphile futhi na?"

18 Ngangidla u-ayisikhilimu ngolunye usuku ngenkathi ngingumqaphi wezinyamazane kahulumeni wase-Indiana, kwakukhona umshumayeli omdala weMethodisti ogama linguMfowethu Spurgeon, indoda endala ekahle kakhulu, eHenryville, e-Indiana, sasihlezi phezulu esitulweni sidla u-ayisikhilimu omncane, sinenhlanganyelo ethize, futhi i-*Agriculture Hour* yayidlala.

19 Encane i 4-H Club lapho eLouisville yayinomshini laphaya ababewuphelelisile obungenza uhlamvu lommbila lubukeke lufana ncamashi nalolo olwenze ensimini. Futhi ubeke isaka eligcwele elakhiwe ngumshini, nesaka eligcwele elitshalwe ensimini, ubeke ezandleni zakho, uwuxube, ubungeke neze uwehlukanise. Uthathe uwehlisele endlini yokucwaningela, uwusike uwehlukanise, ngamunye unekhalsiyamu *engaka*, nomswakamo *ongaka*, ncamashi nje. Indlela kuphela obuyophinde uwazi ngayo kwakungukuba uwungcwabe, futhi yombili iyobola, kodwa lowo umuntu awenzile, lokho

kwakungukuphela kwawo, kodwa lowo uNkulunkulu awenzile wawunembewana yokuphila, wavuka futhi.

20 Singaba ngamalunga ebandla, sizame ukuphila impilo enhle, kodwa, mfowethu, ukuPhila kukaNkulunkulu yilokho okusemqoka. Amadoda amabili abukeka efana nje, ayahamba, omabili aya esontweni, omabili abadikoni, omabili abelusi, enye inembewana yokuPhila, nenye ayinayo imbewana yokuPhila. Ngakho umehluko ungukuthi lapho othola khona leyomvelo, ukuzalwa okusha, ukuthi *into ethize* ephakathi lapho esusa konke u—ukungabaza kukho, futhi ikunika isiqiniseko phakathi *lapha* ukuthi uyazi ukuthi wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni, ngoba umoya wakho, noMoya waKhe uyafana, iyafakazelana.

21 O, kumangalisa kanjani ukwazi umusa nenkazimulo kaNkulunkulu okufike kithi futhi kwachithwa yonke indawo ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele! Akukho okufana nakho.

22 Ngitadisha, futhi ngibhekisisa laba bafo, lezizinkozi, ngibhekisisa imvelo yazo, unyaka owodwa enhla eColorado . . . Ngi—ngiyathanda ukuzingela, futhi angithandi, angisuye umbulali, umzingeli. Futhi ngithanda ukuphuma nje, ngenyukele entabeni, ngihlale phansi, futhi ngibhekisise izilwane, ngibone ukuthi zihamba kanjani.

23 Angikaze empilweni yami, njengoba ngikhumbula, ngithatha ngaphezu komkhawulo wanoma yini, ngoba, nani bazingeli kukhumbuleni lokho, ku—kuyisono kumKristu ukwephula umthetho, awufanele ukwenze, futhi khumbula.

24 Nani bafana abancane ngapha, ningawadubuli amarobini ami. Hhe-e. Angawami, niyabo. Senake nayizwa inganekwane yamarobini, nina bafana abancane na? Manje, uma ufuna ukudubula imizwilili yamaNgisi, lokho kukuwe, nobaba nomama, kanjalonjalo, niyabo, kodwa amarobini ami namajuba, ungawadubuli, khumbulani, lokho—lokho yizinyoni zami, niyabo. Niyazi ukuthi yasithola kanjani isifuba esincane esibomvu na? Bangaki abake bezwa ukuthi yasithola kanjani, inganekwane na?

25 Ngelinye ilanga kwakukhona uMuntu efa esiphambanweni, wonke umuntu wayeMshiyile, ngisho noNkulunkulu qobo lwaKhe wayeMshiyile. Niyazi ukuthi kwenzekani na? Encane, inyoni ensundu yaMbheka lapho, futhi yaMzwela kakhulu, yabuka, izandla zaKhe zazibhotshozwe ngezipikili, nezinyawo zaKhe zashayelwa esiphambanweni, wayesetilongweni.

26 Niyazi ukuthi lenyoni ensundu encane yenzani na? YaMdabukela kakhulu, yavele yagijima yangena ngqo futhi yazama ukudonsa lezozipikili, futhi ngokwenza kanjalo, yathola isifuba sayo esincane sonke sibomvu yigazi. Kusukela ngaleyonkathi, ibe nesifuba esibomvu. Awufuni ukuyidubula,

uyafuna na? Iyinyoni encane enhle. Benifanele niwabone lawomehlo amancane akhanyayo engibuka phezulu.

27 O, imvelo, ngiyakhumbula ngifunda ngokhozi. Ngake ngahlala eColorado, futhi ngangibhekisisa, kwakusekuqoqweni kwezinkomo kwasentwasahlobo, ngingenisa izinkomo, ngase ngikhwela egqumeni, futhi ngangibhekisisa ukhozi, ukuthi lwalubaletha kanjani amachwane alo, nokuthi lwenzani ngawo. Futhi ngacabanga, "Kumangalisa kanjani!" Ngithatha izipopolo zami, bese ngikhuphukela ngqo eduze kwalapho olwalukhona.

28 Futhi ngomunye unyaka ngangisenhla lapho ngizingela izinyamazane ama-elki. Neqhwa lalizofanele lehlise izinyamazane ama-elki, uma kungenjalo, ziyadlebeleka, azehleli ezigodini, lapho ngezinye izikhathi abadobi, nezinto, benyuka ngemifudlana, futhi kodwa zihlala phezulu ngempela. Futhi kwakukade kungekho qhwa lokuzehlisa.

29 Ngakho, umfuyi wezinkomo nami sasi, sasehlukene, sasiyobonana ezinsukwini ezimbili noma ezintathu ezilandelayo, futhi sasihlangana lapho esasizingela khona ngapesheya, yena ngakolunye uhlangothi lokwehlukanisa, mina ngakolunye. Futhi nganginamahhashi athi awabe mabili okuthwala, nehhashi eligitshelwayo, ngakho-ke ngakhwela le phezulu lapho enganingazange ngithathe ihhashi lami kusesekuseni ngalokho kusa, futhi ngaqhubekela enhla phezulu, ngavele nje ngalibopha imilenze, ukuze likwazi ukucosha isikhashana, futhi ngenyukela enhla phezulu le.

30 Futhi ekwindla yonyaka cishe ngo-Okthoba lapho, lizokuna isikhashana, futhi likhithike isikhashana. O, niyazi ukuthi kunjani, cishe impela njengoMashi ezansi lapha. Khona-ke ilanga liyofika futhi lomise konke. Futhi kwenyuka isiphepho, esinye sazo saseNyakatho esisheshayo, futhi kwakukhona okupheshuliwe okudala okuseduze, ngase ngicishe impela ngiyongena emthini wokwenza amapulangwe, futhi ngangisanda kufika nje emva kwesihlahla, futhi ngama *kanje* kwaze kwaphela isiphepho. Futhi emva kokuba isiphepho sesiphelile, ngama lapho. Umoya wabanda ngempela ngenkathi kunesiphepho, umoya uvunguza, nezimvula zina, izimvula zasekwindla, nezihlahla ezihlala ziluhlaza zaziba yiqhwa.

31 Khona-ke emuva le entshonalanga, ilanga laphuma, futhi ngaliqaphela likhanya phansi, futhi lashaya eceleni kwentaba, lezozihlahla ezihlala ziluhlaza zaba yiqhwa, kwabumbeka uthingo lwenkosazana ngapesheya komgede. Leloso elikhulukazi lihlezi emuva lapho entshonalanga libuka ngaleyondlela, ngacabanga, "Lokho kunjengamehlo kaNkulunkulu egijima eya le nale emhlabeni wonke."

32 Niyazi, ungeke nje uye noma yikuphi ngaphandle uma ungabona uNkulunkulu, uma nje uzoMfuna, nje U—Ukhona ndawo zonke nje. Ufanele uMngenise *lapha* kuqala nokho,

bese-ke uMvumela asebenzise amehlo akho ukuba abuke. Mngenise *lapha*, Uzosebenzisa ulimi lwakho ukuba akhulume, nje, Uzosebenzisa nje ubuwena bonke, njengoba nje uzozinikela kuYe, okuningi kangako Angakusebenzisa.

33 UNkulunkulu unesikhathi esibi kabi ukuthola umfo ukuba azinikele kuYe. NjengoSamsoni, uSamsoni wayewuhlobo lwendoda yamanenekazi, wanikela amandla akhe kuNkulunkulu, kodwa akayinikelanga inhliziyo yakhe kuNkulunkulu, uyinika uDelila, futhi yilokho kuphela uNkulunkulu ayengakusebenzisa kwakungamandla akhe. Futhi nje kakhulu njengoba uzoMnika, yilokho Angakusebenzisa ngawe. O, asinikele konke kuYe, sithi, "Ngilapha, Nkosi, ngithathe nje."

34 Ngenkathi sisa...Ngangimi lapho, ngakubuka lokho, ngalubona lolothingo lwenkosazana, ngase ngithi, "Buka lapha, uNkulunkulu uthi ngqu phezulu esiqongweni salentaba, *nango* Othingweni lwenkosazana." NiyaMbona eSambulweni 1, ukubuka ngaphezu, niyazi, kothingo lwenkosazana, ehamba phakathi kwezinti zezibani eziyisikhombisa zegolide, zibukeka njengetshe lejaspi ne—nesardiyu, uBenjamini noRubeni, wokuqala, wokugcina. Ngase ngikubuka lokho, ngase ngicabanga, "Akukuhle lokho!"

Cishe ngalesosikhathi, impisi endala empunga yahhewula phezulu egqumeni, nomata wayiphendula phansi ekugcineni.

Ngacabanga, "Ya, kukhona uNkulunkulu kulokho."

35 Isiphepho sasihlukanise umhlambi wezinyamazane ama-elki, kwakukhona cishe, ngathola izinyamazane ama-elki ezingamashumi ayisishiyagalombili nokuthize kulowomhlambi. Futhi nje uzame ukuthola izinkunzi ezinkulu kunazo zonke, njengoba noma ubani eqonda. Ngiyazithanda njengoba nje ubungazithanda izinkomo zakho, awufuni ukuzihlahlela, futhi, ngoba nje ungazidubula, kodwa nje khipha ezindala, ngoba uma ungakwenzi, ngani, kulimaza umhlambi wakho.

36 Futhi ngezwa inkunzi endala ngale eceleni ikhala, ngoba yalahleka komunye umhlambi. O, he! Ukhuluma ngokuthi, njengoba uDavide athi, "Utwa lubizana notwa!" Ngimi phezulu lapho, futhi ngizwa leyompisi iklewula ngaleya, ngizwa lenyamazane i-elki ngapha ikhala, into ethize phansi *le* ngaphakathi kimi iqala ukuphuphuma, ngacabanga, "O Nkulunkulu!" Ngacabanga, "Kuhle ukuba lapha. Ngifisa sengathi bengingakha amatabernakele amathathu."

37 Ngajabula kakhulu, ngabeka isibhamu sami esikhulu esidadlana eceleni kwesihlahla, futhi ngazungeza, futhi ngazungeza, futhi ngazungeza lesosihlahla ngahamba, ngimemeza ngephimbo lami lonke nje, ngigxuma phansi naphezulu, futhi ngibhakuzisa izingalo zami emuva naphambili. Ngathi, "Haleluya! Haleluya! Haleluya!" ngizungeza.

38 Ngani, ukuba omunye wayekade esemahlathini babeyo, babeyocabanga ukuthi babenohlanya phandle lapho. Ngahamba ngazungeza futhi ngazungeza ihlathi, ngahamba kanzima ngakho konke nje, futhi ngithi, "Akabongwe uNkulunkulu! Akabongwe uNkulunkulu! Haleluya!" Nje ngigijima ngamandla ami onke, ngoba ngangizizwa ngikahle. Ngangingenandaba nokuthi noma ubani omunye uyangibona, ngangivele nje—ngangidedela ingcindezi nje, uma ngingakwenzanga, ngangizoqhuma, ngakho ngangifanele nje ngishaye ikhwela, ngikhiphe okuncane ukushaya ikhwela.

39 Ngakho, ngangizungeza nje, futhi ngizungeza, futhi ngizungeza ngamandla ami onke. Emva kwesikhashana ngama ngase ngiphosa izandla zami, ngacabanga, "*Nango*, ngaleya othingweni lwenkosazana; *Nangu* phansi *lapha*, ehhewula empisini; *Nangu*, ekhala enyamazaneni i-elki; *Nangu*, enhliziyweni yami. O, Ukuyo yonke indawo nje!" Futhi ngazungeza, futhi ngazungeza, futhi ngazungeza isihlahla ngahamba futhi. Ngacabanga, "O, kuhle ukuba lapha! Ngifisa sengathi ngingazakhela indlu yezingodo futhi ngihlale lapha."

Ngase-ke ngicabanga, "Qhabo, njengoba kwakunjalo ngoPetru, uJakobe, noJohane, kukhona umntwana ogulayo ngezansi nje kwegquma," niyabo, "ngifanele ngehle."

40 Ngakho ngenkathi ngisamile lapho, ngaqaphela ukuthi kufanele ukuthi ngaxhuxhumisa ingwejeje endadlana yephayini. Angazi noma nina Tex-. . .O, impela, niyazi, uma kukhona noma yikuphi, ninakho eTexas. Kodwa ingwejeje encane yeshoba yagxumela phezulu esiqwini lapho lapho okwakukhona okwakuphephukile okudala, futhi iqala nje ukusho zonke izinhlobo zezinto kimi. Ngiqagele kufanele ukuthi ngangesabise umfo omncane wacishe wafa ingxenye. Futhi ngangigigijima ngizungeza kanjalo, ngabuka ngale, futhi wayehlezi lapho etshikizisa lowomsila omncane, nje, "*Tsheke-tsheke-tsheke! Tsheke-tsheke-tsheke! Tsheke-tsheke-tsheke!*"

41 Ngacabanga, "Yini indaba ngawe, mfo omncane na? Ngikhonza yena impela uNkulunkulu owakudalayo. Uyafuna ukubona okunye kwakho na? Nakhu-ke!" Ngizungeza, ngizungeza, ngizungeza, ngizungeza futhi. Ngacabanga, "Ukuthande kanjani lokho na? Awuzungezi ngani isikhashanyana na?"

Kodwa into kuphela ayengayibeka lapho, futhi aqhubeke, "*Tsheke-tsheke-tsheke! Tsheke-tsheke-tsheke!*"

42 Ngase ngicabanga, "Manje, Nkulunkulu, kungani Uhehe ukunaka kwami kulowomfo omncane, lapho nje nginesikhathi esikhulu kangaka lapha, Wena nami na?"

43 Ngambuka, futhi unamakhulukazi, amehlo aqhunsukile, empeleni, niyazi, kubukeka njengezinti ezihlathini zakhe,

ikakhulukazi kapho exhuxhuma kakhulu, futhi wayebuka phansi *kanje*, ngacabanga, "Akabuki mina."

44 Ngathola ukuthi, imimoya evunguza kulesosiphepho yayiphoqelele ukhozi oludala olukhulu phansi phansi kwalezizinto, phansi kwalokhu okuphephukile. Lolu olukhulukazi oludala, ukhozi olunsundu lwaluza, luphuma lapho, yilokho ingwejeje encane eyayixhuxhuma ngakho, yayingangikhathazi nhlobo, yayingakhathazekile ngami. Ngakho yayibhekisisa lolokhozi ezansi lapho, ngoba lolokhozi lwalungayiqukula kalula impela, niyazi.

45 Ngakho ngi. . .Lwagxumela phandle lapho, lolukhozi olukhulu, futhi ngacabanga, "Awu, manje wazini ngalokho na?" Ngibone lolukhozi olukhulu lugxumela phandle lapho, nalawo amakhulukazi, amehlo ansundu eqalaza, niyazi. Futhi ngacabanga, "Alusiyo into enhle na?" Lumi cishe amafidi ayishumi ukusuka kimi.

46 Futhi ngacabanga, "Nkulunkulu, kungani Uhehe ukunaka kwami manje kulolokhozi, esikhundleni sokungivumela ngigijime ngizungeze, ngizungeze lesisihlahla na? A—angazi ukuthi kungani Ubungangivumela ngibuke umfo onjalo. Uma nje ngibulala inyamazane idiye, futhi ngingayimbozi kahle, beliyoyithwala luhambe nayo. Ngakho kungani ngifanele ngibuke umfo onjalo na? Ngibuka Wena phandle lapha othingweni lwenkosazana, ngiKubona phandle lapha e—e. . .ngikuzwa empisini, nakuzo zonke lezizinto." Ngathi, "Ubuyoba kuphi kulolokhozi na? Nokho, iBhayibheli lasho ukuthi UnguJehova-Khozi, futhi thina siyizonkozi ezincane. Ngakho manje, ngiyamangala ukuthi Ubuyoke ube kanjani kulolokhozi na?"

47 Ngacabanga, "Yini—yini ebengingayibona ngalowomfo na? Ngiyayibona i—i—inyamazane i-elki, iyinkosi enkulukazi enkulu, iyinkosi yamahlathi, ngibona ngisho nempisi nokukhala kwayo okunesizungu, futhi—futhi ngiyalubona uthingo lwenkosazana, kodwa lowomfo, kuthiwani ngaye, omesabayo uNkulunkulu na?"

48 Futhi kwenzeka ngaqaphela, wayehlezi lapho, ngase ngithi, "Uyazi ukuthini?" Ngathi, "Mfo omdala, bengingakudubula uma bengifuna." Ngathi, "Bengi—ngingakudubula, uyakukholwa lokho na?"

49 Akazange nje anginake nhlobo, wahlala lapho nje, nalelokhanda elikhulukazi libheke phezulu, niyazi, nalawomehlo egqolozele ezibhakabhakeni, bese-ke ebuka emuva kimi. Futhi ngangilokhu ngimqaphela ebhekisisa leyongwejeje yaphansi. Ngani, ngicabanga ukuthi wayeneso lakhe ekutholeni leyongwejeje yaphansi, yilokho engikucabangayo, noma, leyongwejeje yasemhlabathini, noma, ingwejeje yeshoba. Sizibiza ngengwejeje yaphansi e-

Indiana, kodwa empeleni ziyizingwejeje zeshoba. Ngakho yena, ngimbonile ebhekisisa lokho.

50 Ngacabanga, "Awu, uthini—uthini ngaye na?" Ngathi, "Awu, yinye into, akesabi." Ngase ngithi, "Ngizobona ukuthi wesaba kangakanani." Ngathi, "Uyazi ukuthi bengingakudubula na?" Wavele wangibuka nje. Ngaqala ukuphakamisa isandla sami ngasesibhanyini sami, ngambona enyakazisa lezozimpaphe, ngathi, "Ngiyakubona, ngiyabona ukuthi kuyini."

51 Niyabo, wayazi ukuthi wayengaba kuleyomithi yokwenza amapulangwe ngaphambi kokuba ngize ngithole isandla sami kulesosibhamu esikhulu. Kunjalo. Kungani na? Wayenamaphiko amabili. UNkulunkulu umnika amaphiko amabili ukubalekela ingozi. Futhi ngambhekisisa ezwa lezozimpaphe, ngacabanga, "O Nkulunkulu, ngiyabona lapho Okhona manje."

52 Omunye wathi kimi, "Awesabi ukuthi uzokwenza iphutha, ngesinye isikhathi, phezulu lapho na?"

53 O, qhabo. O, qhabo. Inqobo nje uma ngingezwa nje uBukhona baKhe obuphiwe nguNkulunkulu bukhona, mabasho noma yini abafuna ukuyisho, akwenzi mehluko.

"Awesabi ukuthi omunye umuntu uyokunemba ngesibhamu na?"

Qhabo, qhabo. Hhe-e. Angesabi inqobo nje uma ngizwa uBukhona baKhe, lawomandla anikezwe nguNkulunkulu, yilokho kuphela, nje uzwa uBukhona baKhe ngapho.

"Awesabi ukuthi bazokuthatha njengomgingqiki ongcwele na?"

54 Sebekwenzile, akusizanga ngalutho, ngiqhubeka ngqo ngokufanayo nje. Ngakho, akunandaba. Vele uzwe uBukhona baKhe ngapho, niyazi, ubone ukuthi zonke izimpaphe zilele kahle nje. O, he!

55 Besifanele sithathe uhlu lokuqukethwe kanye ngasikhathi, futhi nje sibone ukuthi yonke into izizwa kanjani. Anicabangi kanjalo na? Ngiyakuthanda lokho. Nje ngizwe lowomuzwa onethezekile ngempela, njengoba ngenza khona manje. Niyabo? Ukhona ngapha manje.

56 Futhi ngacabanga, "Awu, ngiyabona ukuthi kuyini. Futhi enye into, akesabi, ngoba uyazi lapho emi khona, uyazi nje ukuthi kungakanani angakwenza, nokuthi kungakanani angeke akwazi. Futhi wethemba isiphiwo sakhe asiphiwe nguNkulunkulu ukuba simsuse engozini."

57 Futhi uma uNkulunkulu ubenganikeza ukhozi lokho kwethemba okungako ngokuzibonela ngokwemvelo, besifanele sibe nethemba elikhulu kangakanani, amen, ngamandla kaMoya oNgcwele phezu kwethu, asisuse engozini na? Sisuke sindize. Impela, sisuke kukho ngqo, sisukume nje, sikukholwe.

58 Asikho isidingo sokuba sibe ngalendlela, ngokugula, noma ngokweswela, futhi sahlukaniswa ngekhulu ne. . . izinhlangano ezingamakhulu ayisishiyagalolunye namashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye ezehlukene, nezinto, asindize sisuke kukho. Amen. Siqhubeke siphume kukho, asiboshiwe yinoma yini, qhabo, kodwa sindize masinyane.

Abantu bathi, "O, izinsuku zezimangaliso selwedlule."

59 Ningakukholwa. Vele uzwe lawomandla anikezwe nguNkulunkulu ngakuwe akusindisile futhi akugcwalisa nswi ngoMoya oNgcwele. Yini—yini leyo na? Gcina eyakho—gcina imizwa yakho kaMoya oNgcwele ikuzungezile, ubone yonke into, amagiya onke ahamba kahle, egcotshwe kahle ngomuthi wamehlo, niyazi, nakho konke, ukuze uphume ngempela lapho sekufika isikhathi.

60 Ngase-ke ngambhekisisa kancanyana, futhi ngathola ukuthi—ukuthi wayengangesabi, kodwa wavele, wakhathala yileyo ngwejeje endadlana ehlezi lapho, ingwejeje endadlana yeshoba ihlezi, ithi, "*Tsheke-tsheke-tsheke! Tsheke-tsheke-tsheke! Tsheke-tsheke-tsheke!*" Wenela yikho, ngiqagele mhlawumbe ngokuzibonela ngokwemvelo wayazi ukuthi ngangingeke ngimdubule, empeleni, ngoba ngangimazisa ehlezi lapho.

61 Ngithanda noma yini enesibindi, ngiyalizonda igwala. Ngiyayizonda indoda, noma, ngokubona indoda ingena epulpiti futhi yesaba ukushumayela izinkolelo zayo. Mfowethu, ngiyakutshela, bengiyokusho uma engidubulile, ngokufanayo nje. Ngi—ngifuna. . . Futhi ngiye ehhovisi, futhi omunye aphulukiswe ngamandla kaNkulunkulu, futhi esabe ukusho okuthile ngakho. Omunye umuntu uthi bona, "Ya, ngiyakholwa ukuthi iNkosi inguMphulukisi," bese-ke besaba ukufakaza ngakho.

62 O, mfowethu! Unamahloni ngoMoya oNgcwele, uNkulunkulu angeke akusebenzise, uNkulunkulu ufuna amadoda a—anesibindi. Amen. Siyisihlobo seNgonyama, iNgonyama yesizwe sakwaJuda. Kunjalo. Ukuqina, ukugxila, ubuqhawe. O, ngingayithatha kanjani leyoNgonyama, futhi ngishiye indikimba yami lapha!

63 Kodwa kulo—kulolukhozi, ngalubhekisisa imizuzu embalwa, futhi emva kwesikhashana lwakhathala ukuzwa lokho lapho u*tsheke-tsheke*, ngakho lwavele nje lwenza ukugxuma okukodwa okukhulu, futhi lwabhakuzisa amaphiko alo cishe, lubhakuzisa amaphiko alo cishe kathathu *kanjalo*, lwase luvele lungale kwaleyomithi yokwenza amapulangwe.

64 Ngase-ke ngicabanga, "He, amandla angaka!" Umoya wacishe wangishaya wangilahla phansi ngenkathi luphakama lapho, amandla alelophiko likhuphuka, "*Whiw! Whiw!*" kanjalo,

lwaluphezulu ngqo kuleyomithi yokwenza amapulangwe. Ngacabanga, "He, lungandiza amabanga amade!"

65 Kodwa niyazi ukuthini? Aluzange lusabhakuzisa amaphiko alo, qhabo, lalazi nje ukuthi ahlelwa kanjani. Futhi njalo lapho umoya ungena, lwalugibela luthi ukuphakama kakhudlwana, lwaluwahlela futhi. Lapho imimoya ikhuphuka ngomgede, lwalugibela luthi ukuphakama kakhudlwana, hhayi—hhayi ukubhakuza kanye futhi, lwavele lwagibela lwahamba.

66 Ngama lapho, ngaqala ukukhala, ngacabanga, "Nkosi, ngizoba nelinye ilumbo, impela nje njengezwe." Ngase ngibheka, futhi nanto luhamba, futhi ngalubhekisisa lwaze lwaba yichashaza elincane elimnyama, *le* emoyeni. Ngacabanga "Yilokho-ke, Nkosi. Akusikho ukujoyina *lokhu*, futhi uhambe ujoyine *lokho*, futhi ubhakuze, ubhakuze *lapha*, futhi ubhakuze, ubhakuze *lapho* usuka *kwenye* indawo uya *kwenye*, kungukwazi ukuthi ahlelwa kanjani amaphiko akho emandleni okukholwa futhi undize uhambe."

67 Shiya leyongwejeje yaphansi eboshelwe emhlabeni ihlezi lapho, ithi, "*Tsheke-tsheke!* Izinsuku zezimangaliso selwedlule. *Tsheke-tsheke!* Ayikho into okuthiwa nguMoya oNgcwele. *Tsheke-tsheke-tsheke!* Konke kungumbhedo, okusetshenziwe nje, lokho—lokho ngukushisekela, ayikho into enjalo."

68 O, he! Hlela amaphiko akho nje. Haleluya! Lapho uMoya oNgcwele ungena njengegagasi, vele ugibele kuWo ngqo, kanjalo. Qhubeka uphume endleleni kuWo, qhubeka wenyuke, wenyuke, wenyuke, wenyuke, uze ungabe usakwazi ngisho nokuwuzwa. Yileyondlela, finyelela phezulu kakhulu emikhathini yomusa kaNkulunkulu uze ungabe usawuzwa ngisho lowo *tsheke-tsheke* lapha, uba ngofile kuwe, uphezulu kwezasemaZulwini.

69 Manje, ukhozi lwenziwa inyoni yasezulwini, ngempela lwaluyiyo. Futhi ayikho enye inyoni engaluthinta. Qhabo, mnumzane. Luyinkosi yomndeni wenyoni. Lelo yiqiniso.

Uma u . . . Ukhuluma, uthi, "Uklebe uneso likaklebe."

70 Nikuzwile lokho. Ha! Uyimfundamakhwela. Awazi ukuthi ukhuluma ngani. Uma lowoklebe ubungake uzame ukundiza nalolokhozi, ubuyobuthuka emoyeni. Ukhozi luyinyoni eyakhiwe ngokukhethekile, lufanele lube yiyo ngoba lungandiza luye phezulu kunanoma iyiphi enye inyoni. Awu, manje, uma lwalungenawo umzimba owakhiwe ngokukhethekile ngenkathi lufika phezulu lapho, lwaluyobuthuka, futhi.

71 Bazama kanjalo-ke abantu ukulingisa, ukuba yinto abangesiyo. Yilokho okubangela konke ukuphahlazeka kwakho emgwaqeni, engikuqondile, emgwaqeni wokuphila, ngoba bazama ukulingisa omunye umuntu, futhi awakhiwanga ngaleyondlela, abenzelwanga lokho. Angazi noma lokho

kucwilile phakathi noma qha, kodwa ngithemba ukuthi kucwilile, kodwa, empeleni. O, yebo. Amen.

72 Siyathola, niyazi, u—umGibhithe ongasokile ezama ukulandela ama-Israyeli asokiwe, abuthuka, nawo, phansi ekugcineni kolwandle, awakwazanga ukuwela, amasondo awo abhajwa odakeni.

73 Manje, siyaqaphela, njengokhozi, futhi uma lu. . . Bekungasiza ngani. . .? Manje, yingalesosizathu uNkulunkulu afanisa abaprofethi baKhe nezinkozi, ngoba babengaya phezulu kakhulu.

74 Manje, luyinyoni eyenziwe ngokukhethekileyo. Futhi o, izimpaphe zalo ziqine kakhulu angeke ukwazi ukuzidonsa uzikhiphe ngepheya lezindlawu. Ziqine kakhulu, ngoba uma bezingenjalo, ngenkathi lufika phezulu lapho, zona, phezulu kulezozimbulunga phezulu phakathi lapho, lona—lona, beziyophuma kulo, beluzowa lubuyele emhlabeni, futhi nje, beluzobuthuka.

75 Futhi uma uklebe uzama ukululandela, noma igwababa lizama ukululandela, beluzovele nje lulishiye othulini. Futhi lokho, uma liphakama, beliyoya *phezulu kakhulu*, yilokho konke ukuphakama phezulu elingakuhamba, ngoba liyigwababa, noma uklebe, kodwa ukhozi oludala luqhubeka nje nokugibela.

76 Manje, bekuzolisiza ngani ukukhuphukela lapho, uma lalingahlonyisiwe ngamanye amehlo ayekwazi ukubona kude le, futhi na? Kunjalo. Kusiza ngani ukugibela phezulu, ngaphandle uma uhlala phezulu, nawe na? Phila ngendlela ogibela ngayo, phezulu lapho ugxuma, phila phezulu kangako. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini. Yilokho okuletha ihlazo elingaka ebandleni, ngabantu begxuma baye phezulu le, futhi bephila phansi ngempela, niyabo. Yileyonto ebesifanele siyenze, ya, siphile nje phezulu njengoba ugxuma. Kunjalo.

77 Manje, uma ukhozi lwalungenaso isizathu esithize sokuba phezulu lapho, lwalungeke neze lwenziwe ngaleyondlela. Ngakho yingalesosizathu uNkulunkulu alwenza, futhi walubiza ngomprofethi waKhe, ngoba umprofethi uphakama kakhulu, njengo-Isaya, uJeremiya, nabo, benyukela *le*. Futhi lapho uqhubeka ukhuphukela phezulu, ungabona kude kakhulu. Manje, abanye abantu uhlala nje emhlabathini ngaso sonke isikhathi, ngakho umbono wakhe ukhona *lapha* nje. Kodwa lapho uphakama, uphakama kakhulu, ungabona kude kakhulu. O, he! Akumangalisi abanye abantu ebona eduze kangaka, abakaze basuse unyawo lwabo emhlabathini, namanje. O, lapho ungaphakamela phezulu!

78 Futhi ukhozi luphakeme kunazo zonke, lungaphakama ngaphezu kwanoma iyiphi enye inyoni, akukho okungalulandela. Ngani, ngiyangabaza ukuthi indiza ibingafika

kulo, noma qha. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...lapho ikwenza, izikhiqizela umoya wayo.

79 Kodwa lapho ufika phezulu phakathi lapho, lenyoni, inyoni ephilayo phezulu phakathi lapho, iyaqalaza, iyabona, amehlo alo akude le ngale koklebe lungasukuma lapho futhi lubone izinto. Njengokuthi uma—uma bekukhona isiphepho esizayo, futhi ubungaphakama ngokwenele emoyeni, ubungasibona ngokuqhele ngamamayela angamakhulu ngamakhulu, uma ubuphakeme ngokwenele, ubungasibona.

80 Awu, uNkulunkulu wathatha abaprofethi baKhe futhi wabaphakamisela phezulu kakhulu, njengoJeremiya, no-Isaya, uJohane, nabo, baze babona ngqu behla njalo bayongena esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, amen, phandle *le*.

81 Ngangingale ukuvakashela umfowethu ePhoenix kungekudala, uMfowethu Outlaw. Wathi...Lelo yigama elesabekayo lomfowethu ongumKristu, kodwa uyindoda ekahle, futhi ungomunye wabami...

82 Mfowethu Kidson, ngenkathi wena nami silapho, sasisebandleni lakhe. Futhi wayenekhwaya phezulu lapho, babebukeka bemesaba uNkulunkulu, abesifazane abancane, bengenabo ubuqhathanzipho ebusweni babo, futhi benezinwele ezinde, nokugqoka. Ngi—ngihlala njalo...Yini leyo na? Yini leyo, enikubiza kanjalo na? Ngihlala njalo ngithola... iMascara. Lokho—lokho—lokho akuzwakali kahle. O, empeleni, kusezindebeni, nase, yonke indawo nje, niyabo. Ngakho, *upende* uyilokho okuyikho ngempela. Awu, ngiqagele yilokho, futhi, noma ngabe kuyini. Awu, empeleni, babengagqokile kanjalo. Nobuso babo obudadlana, bucwebezela nje njengo-anyanisi ocwecwiwe.

83 Futhi kwakumi lapho, futhi bona, lomfanyana emi phandle lapho ecula, "Siyakhuphuka, phezulu, phezulu." Futhi wathi, "Umzuliswano wokuqala kwakungubulungiswa, umzuliswano wesibili, ukungcweliswa." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] "...ukukhazimula. Khona-ke uMoya oNgcwele wehla." Wathi, "Ngaqala ukukhuphuka, phezulu; phezulu, phezulu, phezulu; phezulu, phezulu; phezulu, phezulu, phezulu ngaze ngashaya iMilky White Way."

84 Ngacabanga ukuthi ngase ngihambile ngaleyonkathi, ngoba nje sasizwa...Yilolokhozi lukhwela phezulu, lwenyuka phezulu *le* phakathi lapho, ungakubona ukuFika kweNkosi.

O, akumangalisi, ngenkathi lowo wesifazane omncane ebone uGrant engena eRichmond phezulu lapho, wathi:

> Amehlo ami abonile inkazimulo yokufika kweNkosi;
> Ukunyathela ngaphandle kokuvuna lapho amagilebhisi olaka egcinwa khona.

Impela, ebamba umbono wokuFika kweNkosi, enyuka.

85 Manje, luyinyoni eyakhiwe ngokukhethekile, lungandizela phezulu, futhi uma lufika phezulu lapho, lungabona kude. NoJehova, uBaba uKhozi, uhlezi yonke indlela phezulu emaZulwini. O!

86 Ngenkathi Elapha emhlabeni, Wanikwa igama eliphansi kunawo onke ayengake anikezwe, uBelzabule; Waya emzini ophansi kunayo yonke okhona ezweni, iJeriko, futhi waba phansi kakhulu waze Wadingeka abheke phezulu esihlahleni ukuba abone umuntu omncane kunabo bonke emzini. Kunjalo. Wabizwa ngayo yonke into emhlabeni, amagama amabi, yonke into, kodwa ngenkathi Ephakanyiswa, Wanikwa iGama elingaphezu kwamagama onke abizwa eZulwini nasemhlabeni, nawo wonke umndeni, kokubili eZulwini nasemhlabeni, wethiwe ngaYe, Uphakanyiselwe phezulu kakhulu ngaphezulu, aze Afanele abuke phansi ukuba abone iZulu. Manje, yilokho uNkulunkulu aMenza khona ngenkathi Enyukela Lapho, yilowo umehluko.

87 Manje, ufanele uqale. Manje, siphansi nje njengoba singaba njalo uma siyizoni, asiqale, phezulu eMilky White Way, siyishaye nje futhi siqhubeke (Manje, sithola ukuthi. . .), wenyuka, unyuke, unyukela eMbusweni kaNkulunkulu.

88 Manje, lababaprofethi, ngenkathi befika phezulu lapho, benyukela kude kakhulu lapho ezinye izinyoni zobuhlakani zazingakwazi ukubona, zazingazi, zazingenakukhuphukela lapho endaweni yokuqala, kodwa uNkulunkulu wathi abaprofethi baKhe babeyizinkozi zaKhe. Futhi manje, uNkulunkulu wasitshela, niyazi, eBhayibhelini ukuthi Wakhipha u-Israyeli eGibhithe ngamaphiko oKhozi, lokho kwakungamaphiko aKhe. O, leyoNsika yoMlilo ibe yisiqondiso, Yathwala u-Israyeli ngamaphiko aYo!

89 O, lapha esikhathini esingeside esedlule, ngenkathi siletha. . .iPalastine ishukunyiswa futhi, sibona uLewi Pethrus ethumela ezansi amaTestamente eLisha ayisigidi kulawomaJuda enyuka evela ezansi e-Iran, kanjalonjalo. Futhi babefunda leloTestamente eLisha, futhi babengakaze bezwe ngento enjengokuthi iNkosi uJesu isemhlabeni, babekade besezansi lapho selokhu amaRoma ayebathwele abasusa, futhi bathi, “Uma lona kunguMesiya, asiMbone enza isibonakaliso somprofethi, sizokukholwa.”

90 O, ukuhleleka okunje pho kwenkonzo! Ngaphuma ngqo. Ngenkathi ngehlela eCairo, eGibhithe, ngangineyami. . . Imizuzu engamashumi amathathu, ngangiyoba sePalestine. Futhi iNto ethize yangishaya, ngase ngiphuma emva kwendlu yamabhanoyi, ngathi, “Ihora alikafiki.” Ngabuyela emuva, ngase ngiya eGreece, ngase ngiwelela eNdiya, ihora lalingakafiki.

Bizele ngaphandle lawomaJuda, ayakukholwa, mfowethu. Yebo, mnumzane.

91 Futhi ngacabanga, "Isikhathi esinje pho ukuletha labo bazalwane phandle lapho, futhi uthi, 'Kuyiqiniso yini ukuthi uthe uma loMesiya wayeyiNdodana kaNkulunkulu, WayenguMesiya okwakhulunywa ngaye, nifuna ukuMbona enza isibonakaliso somprofethi, nizoMkholwa na?' Ngabe kunjalo na?"

92 Futhi bengiyothi, "Manje, zikhethele wena amanye amadoda bese wenyukela lapha, sizothola ukuthi ngabe Usenguye yini umProfethi noma qha, noma ngabe Unguye. Khona kulomhlabathi ofanayo lapho okhokho benu baphika khona umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, manje wemukeleni."

93 O, khona-ke i—iVangeli seliye kumJuda, usuku lwabeZizwe seluphelile-ke. Uphisi omncane nje, umnyango uvulekile, nina zinkozi ezincane, kungcono nibhakuze, futhi nilungele ukuphuma lapha, ngoba umnyango womusa uzovalwa ngolunye lwalezizinsuku. Yiqiniso lelo.

94 O, into enkulu kangaka pho! Kanjani uNkulunkulu. . . labo. . .Ngenkathi behlisa amabhanoyi phakathi lapho, ngiqagele nikufundile kwi—kwi *Reader's Digest*, qhabo, ngiyanitshela, kwakukwiphephabhuku i*Look*. Ngine—ne—nefilimu ekhombisa i *Three Minutes Till Midnight*, *Three Minutes Till Midnight*, futhi kungokomfanekiso olingana nempilo yokungeniswa ePalastine. UMfowethu Arganbright, abaningi babangane ezansi lapho. . .

95 Futhi lokhu. . .Babenalawa, bethwele lamaJuda bewangenisa, amadala, akhubazekile emihlane yabo. Ngakho benyuka ukuyoxoxisana nabo, bathi, "Nibuyela ukuzofela ezweni lendabuko na?"

Bathi, "Qhabo, siyeza ukuzobona uMesiya." Mm!

96 "Lapho umkhiwane uveza amagatsha awo," o, mfowethu! U-Israyeli uba yisizwe futhi lapho, iNkanyezi kaDavide endala enemicijo eyisithupha iyandiza, ifulege elidala kunawo onke emhlabeni, okokuqala landiza iminyaka engamakhulu angamashumi amabili-nanhlanu, basezweni labo uqobo manje. Lelo yikhalenda likaNkulunkulu. UMesiya uzofika, impela nje njengoba bemi lapho beMlindile. Sisesikhathini sokuphela. O, machwane okhozi amancane, cindezelani ningene emnyango womusa, futhi nihambe nindiza ngamandla enu onke.

97 Ngenkathi bewakhuphula, lawomabhanoyi ehla ukuba athole lawomaJuda, ayesalima ngezindala, izinsimbi zokhuni, njengoba ayenza emakhulwini nezinkulungwane zeminyaka eyadlula. Basakwenza eNingizimu Afrika. Ngakho manje-ke ngenkathi, sithola ukuthi ayelesaba lelobhanoyi, ayesaba ukungena kulo, omunye urabi omdala waphuma lapho, wayesethi, "Ningesabi." Wathi, "Umprofethi wethu

wasethembisa ukuthi ngelinye ilanga siyoya ezweni lendabuko ngamaphiko okhozi."

98 Leyondiza enkulu iTWA yaphakama nalawomaJuda, yilokho umprofethi akubonayo. Wa—wayengazi ukuthi kwakuyini, njengoba ubuyokubiza ngebhanoyi, wathi, "Ngamaphiko okhozi abeyobuya ngawo," ngalibona lelobhanoyi elindala liphakama ezansi lapho eminyakeni engamakhulu angamashumi amabili-nanhlanu eyedlula, futhi manje kuzokwenzeka khona manje, bewabuyisa ngamaphiko okhozi.

99 Lolokhozi luyinyoni, inyoni ngempela! Phezulu eCincinnati Zoo, ngithanda ukukhuphula abantwana lapho. Ngenye indlela, ngiyakuzonda ukubona noma yini ivalelwe esibiyelweni, ngiyadabuka kakhulu, ngokuba ngiyazithanda izilwane zasendle, kodwa a—anginazo, akukho ngisho nenja ekhaya, ngoba ngiyodingeka ngiyigcine iboshiwe. Ngiyakuzonda ukubona noma yini iboshiwe, noma yini ngaphandle kwendlu yetilongo. Faka lezozilwane bandla phakathi lapho ukuze wonke umuntu eze futhi azigqolozele, aqalaze, ngicabanga ukuthi ku—kufikiselana umunyu nje. Futh khona-ke ngicabanga ukuthi ukuba nje benginayo imali, bengiyozithenga zonke, ngizibuyisele emazweni azo endabuko, bese ngisidedela, bese ngithi, "Qhubeka, manje gijima ngamandla akho onke, suka!" Angisoli . . .

100 Isigejane sezinto ezipendiwe zimi zizungezile zizibuka, ziphafuza intuthu kasikilidi emakhaleni azo, o, he, bengiyokuzonda ukuma lapho kanjalo, qobo lwami. Awu, bekufanele nje kube ngakolunye uhlangothi, umphafuzi-sikilidi ubefanele abe phakathi lapho. Uyoba yinto ethize yokuyibiyela, akakwazi ngokwenele ukuba azinakekele.

101 Khona-ke into yokuqala esiyaziyo, ngehla, ngathatha intombazanyana yami, uSarah, sasihambisana sibambene ngesandla, sehlela ezinyonini. Futhi kwakukhona isibiyelo esikhulukazi ezansi lapho, kufanele nje ukuthi bambamba lomfo omkhulu, wayewukhozi olukhulu kakhulu, babembeke lapho. O, wayengomkhulukazi, umfo omkhulu, izinyawo ezinkulukazi, kwakubukeka sengathi wayengacosha inkonyane futhi andize ahambe nalo.

102 Awu, nge—ngezwa ukubhakuza phansi lapho, nezimpaphe zindiza, ngacabanga, "Yini indaba na?" Ngakho uSarah nami sehlela lapho; wayengumtwanyanyana omncane.

103 Futhi nje nginokuningi kakhulu ukuzijabulisa ngabantwana bami. Anibathandi abantwana na? LoSarah omncane, eminyakeni embalwa nje edlule ngangikade ngisemhlanganweni, futhi ngifika ekhaya ngobunye ubusuku, futhi babelindele uBabayi ukuba angene. Bobabili bangamantombazane amancane kaBabayi, niyazi. Ngakho ba—babelindile, futhi angizange ngingene kwaze kwaba leyithi

ngempela, ngakho uMama wabalalisa, ngase ngingena cishe ngelesibili noma elesithathu nqo.

104 Futhi ngangikhandlele kakhulu ngivela emihlanganweni, leyomibono nezinto kuyangikhandla kabi kabi, ngakho angikwazanga ukulala, ngakho ngavuka cishe ngelesithupha nqo, ngangena ekamelweni lokuhlala, ngase ngihlala phansi e—esihlalweni, ngangihlezi lapho nje, ngicabanga ngomhlangano.

105 Khona manjalo, ngezwa ezansi e—ekamelweni lamantombazane lapho umsindo omningi, futhi—futhi ngabheka, futhi nakhu kufika uBecky, owami omdala kunabo bonke. Uthe ukuba nemilenze emide, niyazi, no—noSarah ungumfo omncanyanyana. Futhi ngakho, nakhu kuza uBecky ngamandla akhe onke, egijima nje, futhi wagxuma ngqo wagxamalazela ethangeni lami kanjalo, futhi wangigaxa ngezingalo zombili, waqala ukungigona, empongoloza, "Babayi, Babayi, Babayi!"

106 Futhi ngabuka emuva lapho, niyazi, lokho nje kwenza inhliziyo yomuntu ikhukhumale, ngase ngibheka, futhi nakhu kufika udadewabo omncane, uSarah nakushiyelwe. Niyazi ukuthi owesibili njalo uthola kanjani, izinyawo zamaphijama cishe zizinde kakhulu *kangako*, niyazi. Ungifaka emqondweni webandla elincane elingakhethi-hlelo, futhi o—omunye onemilenze emide wayekade ekhona isikhathi eside, niyazi, ngakho wathi ukuba lapha isikhathi eside, wazi inqwaba yezinto.

107 Ngakho washo wangigaxa ngezingalo zakhe, futhi wehlula uSarah lapho, futhi wathi, "Sarah, dadewethu," uSarah omncane wama, wathi, "Ngifuna uqonde lokhu, dadewethu, ngibe lapha kuqala, futhi nginaye wonke uBabayi, futhi akukho okusalele wena." Ompofu . . .

108 Lokho kuthi nje akube yindlela abazama ukusitshela ngayo, kunjalo, labo abanemilenze emide, obekade engemuva ngaleya esikhathini eside esedlule, niyazi, ngakho, wathi, "NginaYe wonke."

Ngakho, wathi, "Nginaye wonke uBabayi, futhi akukho okusalele wena."

"Ningavele nivale iminyango yenu." Niyabo?

109 USarah omncane emi lapho, izindebe zakhe ezincane zehlela phansi, awakhe amancane, amehlo amnyama, izinyembezi ezincane ziphumela kuwo *kanjalo*, ngabuka ngale kuye, ngamcifela iso, ngaqhweba umunwe wami, ngakhipha omunye umlenze wami.

110 Nangu eza, izinyawo zibhakuza yonke indawo, niyazi, wagxumela emlenzeni wami. Futhi wayethi ukuba, wayengeke, wa—wayengakagcotshwa isikhathi eside ngokwenele, niyazi, wa—wa—wayewuhlobo lokugumbuluqeka, ngakho ngadingeka

ngifinyelele futhi ngimthole ngazo zombili izingalo, kungenjalo wayezowa, futhi ngamgona ngamsondeza eduze kwami.

111 Wangigona, futhi wabambelela waqinisa umzuzu, waphenduka, lawomehlo amakhulu, niyazi, nalokho kumamatheka ebusweni bakhe, wathi, "Dadewethu, Rebekah, kukhona engifuna ukukutshela khona, nami." Uthi, "Kungahle kube njalo ukuthi ubulapha kuqala, futhi unawo wonke uBabayi, kodwa ngifuna wazi ukuthi uBabayi unami wonke."

112 Ngakho ngi...?...Ngifuna Yena abe nami wonke. Angazi—angazi yonke isayense yezenkolo, nama *D-ologies*, namaPh., ama H.H.D., nama Q.U.D., into kuphela engiyaziyo, Unami wonke, ngisongelwe phakathi *lapha*. Yilokho kuphela engikukhathalelayo, inqobo nje uma ngazi ukuthi uMoya waKhe ungithandele emseni waKhe nokulunga. Akukho engizama ukubongwa ngakho, akukho engingabongwa ngakho, akukho engingakwenza, "Akukho lutho engilulethayo ezingalweni zami, nje kalula ngibambelela esiphambanweni saKho." Nkosi, thatha konke okwami. Yileyondlela.

113 USarah omdadlana nami sihambisana, kwaba yizinsuku ezimbalwa emva kwalokho, ngimbambe ngesandla, futhi sehlela kulesisibiyelo sokhozi. Futhi ngibone okunye ukubonakala okudabukisayo kakhulu engicabange ukuthi ngake ngakubona, kwakulukhozi oludala olwalusanda kubanjwa nje, futhi lona luhlezi kulesisibiyelo. Lwalulele ngomhlane walo ngenkathi ngenyuka, amaphiko amakhulukazi aphuma *kanjalo*. Ngaqaphela lalopha yonke indawo nyonke ngaphambili kwamaphiko alo, nekhanda lalo lonke lalopha, izimpaphe zazishaywe zaphuma kulo, umphetho wamaphiko alo, ngacabanga, "Yini indaba ngaleyonyoni bandla na?"

Futhi ngaphakamisa uSarah omncane ngase ngibeka imilenze yakhe entanyeni yami, ukuze abone esibiyelweni, futhi wathi, "Babayi, liyopha!"

Ngathi, "Yebo, mhlawumbe...Akukho lutho lapho ukuba lulwe, angazi ukuthi lulwa nani."

114 Emva kwesikhashana, lwasukuma, lwanikina lelokhanda elikhathele, lwaphendula ikhanda lalo, futhi lwabuka *kanjalo*. Niyazi, luyinyoni yasezulwini. Lwabuyela esibiyelweni *kanjalo*, nantu lunqamula isibiyelo ngamandla alo onke, lubhakuzisa lawomaphiko amakhulu, futhi lwangqubuza ikhanda lalo ngqo kulesosibiyelo futhi, sisishaya ngokuhlehla kwiphansi, futhi lona, igazi ligobhoza emaphikweni alo lapho elalizame khona ukuwashaya kulesosibiyelo ukuba luphume. Kwalushaya kanzima kakhulu ngalesosikhathi, lwaze lwalala lapho, namehlo alo akhandlekile abheka phezulu esibhakabhakeni.

115 Ngacabanga, "O Nkulunkulu, akudabukisi yini lokho!" Khona-ke into ethize yashaya enhliziyweni yami, ngacabanga, "Qhabo, leyo akusiyo into edabukisa kakhulu

engake ngayibona, isilwane esibiyelweni, into edabukisa kakhulu engake ngayibona ngumuntu ozalelwe ukuba abe yindodana kaNkulunkulu," haleluya, "ucindezelwe yinhlangano ethize, noma isivumokholo esithize esimtshela ukuthi, 'Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele.'" Lapho elele kulezozivumokholo ezindala zamahlelo futhi aqalaze kanjalo!

116 Wazalelwa ukuba abe yindodana kaNkulunkulu, izivumokholo zamfaka esibiyelweni, uNkulunkulu ufuna aphume. Amen. Phuma lapho, wazalwa . . . Lowo kwakungumsebenzi womuntu owafaka lolokhozi phakathi lapho, ngumsebenzi womuntu ofaka nina madoda ezivumwenikholo namahlelo, onke angakadeveli. Yebo, mnumzane. Wenze isivumokholo umuntu phansi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule, ayikho into okuthiwa yinjabulo kaMoya oNgcwele, ayikho into okuthiwa ukumemeza, ayikho into okuthiwa ngukukhuluma ngezilimi, akukho-kuphulukisa ngokukaNkulunkulu." O, he! Kuyadabukisa! Amadodana kaNkulunkulu, azalelwe ukuba akhululeke, khona-ke abiyelwe phansi.

117 Bazalwane, ningawedeleli lawomadoda. Ningadeleli . . . Leyo—leyondandatho ebabophe phakathi lapho, yileyonto ebaphukelayo. Kunjalo. Ungabedeleli, ba . . . bazalelwa ukuba ngamadodana futhi . . . kaNkulunkulu, bazalelwa ukuba bakhululeke. Nje ungavumeli-muntu akubiyele *entweni ethize* enjengaleyo, yileyo into. Suka kulezozibiyelo ezindala, kunjalo impela.

118 Ukhozi oludala, luyinyoni emangalisayo. Imikhuba yalo, ngiyathanda ukubhekisisa imikhuba yalo, lokho elikwenzayo. Ngike ngazibhekisisa zakha izidleke zazo izikhathi eziningi ekuqoqweni, niyazi, ngithi, ngibeka izibuko zami kuzo, ngizibhekisise. O, bengingathanda, uma kusesekuseni kakhulu, ngaphambi kokuba ngisho siqale ukuqhuba, ngangikhuphukela lapho, futhi ngithole izipopolo zami, ngibone ukuthi lolokhozi oludala lwalwenzani kulesosidleke ngaleso sikhathi. Luyaphuma, futhi ubufanele ulubone, alusakhi neze isidleke salo emhlabathini, ukhozi ngeke lwakha isidleke salo emhlabathini, ukhozi lwakha isidleke salo *le* ngokuphakeme kakhulu ngangokuthi lungafinyelela esiqongweni esiphakeme kunazo zonke.

119 Yingalesosizathu uNkulunkulu alufanisa neBandla laKhe, "Uyisibani esibekwe egqumeni." Kunjalo. Ukulangazelela okukhulu, ukulindela okukhulu, silindele izinto ezinkulu.

Asi, sithi, "Awu, ngiyiPentecostal, lokho kuyakuxazulula."

Lokho akusikho okwami, ngilindele izinto ezinkulu ngokuthe xaxa.

"NgiyiBaptisti. NgiyiMethodisti. Ngiyi-Oneness; iTwoness; iThreeness," kumbe noma ngabe uyini.

Lokho akungenelisi. Nginezifiso zokuqhubekela phambili ngize ngihlangane naYe, phezulu, phezulu; phezulu, phezulu, phezulu.

"Ngemukele uMoya oNgcwele, lokho kuyakuxazulula."

120 Awuzange kimi, futhi ngisaWuthatha nje, ngiya phezulu futhi phezulu, kunjalo, ngiqhubeka nje, phezulu le, ukulangazelela okuphakeme, ukulindela okuphakeme, ukulangazelela.

121 Hhayi ukuthi, "Awu, sinelihle impela, ibandla elincane, sizovele sizinze nje. Mina nalesisixuku esincane, asifuni namunye wenu nonke eqenjini lethu."

122 Hhayi mina, ngifuna ukwelula isandla kuso sonke isivumokholo esiwile, mfowethu, noma ngabe ubani, mngenise. Ukulangazelela, yenza okuthize. Ukulindela kumuntu oke wahamba eqinisweni ukuba abone iqiniso, awusoze wamngenisa lapho ngaleyondlela ngokumehlisa, unayo, umgaxe ngengalo yakho, futhi umthande, mazise ukuthi ungumfowethu, khona-ke into ethize izokwenzeka. Uma uyisihlobo kuJehova uzokwenza lokho. UnoMoya waKhe. Ufika kulabo ababeMzonda, baMedelela, futhi baMfela ngamathe ebusweni, Wayesalokhu ekhulekela ukuthi bazosindiswa, impela. Lowo nguMoya kaNkulunkulu kumuntu.

123 Manje, manje, lwehluke kangakanani lolokhozi enkukhwini! O, ngani, inkukhu yinyoni, ngokufanayo nje njengoba ukhozi lunjalo. Benikwazi lokho na? Ngani, i—inkukhu iyinyoni impela nje njengokhozi, kodwa inkukhu ingumfowabo wehlelo, niyazi, balungele nje ukuzinza esivumwenikholo esithize, yakhe isidleke sayo khona phandle esibuyeni ndawondawo, lapho onke amagundwane angagijima angene futhi asidabule, ahlakaze abancane bayo, ugologo, ababhema usikilidi, abesifazane abagqoka izikhindi, abaphungule izinwele, o, yonke into ivele yabasika baba yizicucu.

124 Kodwa ukhozi lwangempela luthatha isidleke salo phezulu! Yonke into endala engcolile yezwe ingangena ngesinyelela kuso ngqo, kodwa ukhozi luthatha isidleke salo bese lubeka abantwanyana balo abazozalwa phezulu kakhulu, kuze kuthi lowomoya ongcolile ungavunguzi ngisho nakuye. Whewu! Niyazi ngizizwa—ngizizwa nginokukholwa ngempela khona manje, *ngandlela thize enye*, ngizizwa ngikahle nje. E-hhe. Whewu! Mm!

125 Yebo, ulukhuphulele phezulu le. Ngiyalubhekisisa, ukuthi lusithatha kanjani lesosidleke, kuqala, luthatha izinduku ezinkulukazi, bese luzibeka phansi ngqo emifantwini *kanjalo*, luyasakha nxazonke ukuze kungabikho moya ongasiphazamisa. Bese-ke luphuma futhi luthole imivini enameva, futhi likusonge

lokho ngokuzungeza, ngokuzungeza, futhi ngokuzungeza, lisibophele phakathi. Akukho-mdwebi wamaplani ezindlu ezweni ongakha esinye esingcono. Kunjalo. Luyazi ukuthi kwenziwa kanjani, phezulu *le* esiqongweni, akukho zilwane noma amagundane angakhwela phezulu lapho, ngakho abancinyane balo baphephile.

126 Esikhathini esedlule umvangeli odumile wathi, "Ngingena edolobheni. . . " Awu, kwakunguMfowethu Billy Graham, ngicabanga ukuthi umvangeli onamandla, washo eLouisville lapho, ekhuluma esidlweni sasekuseni sabefundisi ngalokho kusa, ngangilapho noMoridekayi Ham, owayengumfowethu olungileyo, lowo owamholela eNkosini, waholela uBilly Graham eNkosini. UMoridekayi nami singomakhelwane lapho, ngakho singabangane abahle ngempela. Futhi waye. . .

127 Sasihlezi ndawonye etafuleni, noBilly omdala wasukuma, wathi, "LeliBhayibheli lingumgomo!" Wathi, "Ngenkathi uPawulu engena emzini," wathi, "wayenophendukile oyedwa, wabuyela emuva ngonyaka olandelayo nalowo ophendukile wayenze amashumi amathathu." Wathi, "Ngingena emzini," wathi, "Ngizothola abaphendukile abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu, lapho ngibuya ngonyaka ozayo, noma amaviki amabili kusukela ngaleyonkathi, cishe impela inyanga," wathi, "Angiwatholi amashumi amathathu."

128 Wathi, "Yini indaba na?" Manje, nakhu akushoyo, wathi, "Yini sigejane sabashumayeli abavilaphayo, nihlale emuva lapho nezinyawo zenu phezu kwedeski bese nibathumelela ikhadi, esikhundleni sokuxhumana nabo siqu."

129 Ngakwazisa okwakhe—ngakwazisa okwakhe. . . kodwa lokho kwakungesikho. Ngacabanga: "Ngifuna ukukubuza okuthize: 'Ubani lowo oqondene naye uqobo u. . . ? UPawulu akabuyelanga emuva, wavele washiya lowo ophendukile, yilokho kuphela. Into yakho ingukuthi, Billy, awubakhiphi ubayise *kude* ngokwenele ekuboneni zonke lezizinto.'"

130 Kuyilokho-ke. Thola lezozinkulungwane ezingamashumi amathathu ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, bese-ke ubuya ezinsukwini ezingamashumi amathathu, futhi uthole ukuthi kanjani. . . ?. . . Ya. Yebo, mnumzane. Nje uphephetha isivumokholo esincane kubo, bayabakhipha, futhi bathi, bakhombise igama lakho, "Lapha, khipha incwadi yakho kwenye, bese uyibeka ngapha."

131 Akusikho lokho, khipha isono empilweni yakho futhi igama lakho malilotshwe eNcwadini yokuPhila yeWundlu eNkazimulweni phezulu *lapho*, nombhaphathizo kaMoya oNgcwele wehla, khona-ke uyondiza njengokhozi. Kunjalo. Niyophuma ngaphezu kwakho konke lokhu kunuka okudala kokuqhubeka esinakho emhlabeni lapha. Kuyiqiniso ngempela.

132 Esikhathini esithile esedlule umfuyi omdala wezinkomo nami sasindawonye, sasingabalingani isikhathi eside, angizange nje ngimholele kuKristu, sasiphezulu *le* entabeni. Wathi ukuba nesifumbu esincane emhlane wakhe, futhi wayephethe isibhamu esikhulukazi senkunzi emhlane wakhe, ehambahamba. U—ukukhanya kwakukhanya phansi kulezozihlahla lapho kul'khuni ukuba umuntu ake ahambe, wama khona manjalo, waqalaza, wathi, "Lena ibukeka njengendlu yesonto enesihlalo sombhishobhi."

Ngathi, "Jeff, ngiMuzwe phakathi lapha selokhu ngafika ngapesheya kwegquma."

133 Wangigaxa ngezingalo zakhe, wathi, "Billy, ngifuna ukuMthola khona lapha endlini yaKhe yesonto enesihlalo sombhishobhi." Yilokho-ke. Waphenduka . . . Akazange abheme, noma yini, futhi wayeyizonda imoto ngoba wayengumfuyi, wathi, "Awuhogeli-petroli, kanjalo nosikilidi phezulu lapha, uyawuzwa, Billy na?"

Ngathi, "Qhabo, yilapho Ahlala khona, Jeff, yingakho ngenyukela lapha."

134 Khuphukela phezulu! Lokho ngukuthi, ufanele u—ufanele ukwenze esimweni somoya, ungahlali phansi lapha njengenkukhu, ndiza usuke kukho, suka.

135 Inkukhu, lonke igundwane elidala liphuma enqolobaneni lizoyibamba, yebo, mnumzane, uma ungakuqhubezi kude kunokuthi nje, "Joyina ibandla, futhi uze njalo ngeSonto, futhi sizoba nomdlalo wamakhadi omncane, futhi sizodlala ikhrikhethi egcekeni elingemuva."

Akusikho lokho okuyikho, mfowethu.

"Ube nesidlo sakusihlwa sesobho bese ukhokhela umelusi wethu. Futhi nonke nigqoke amasudu enu okubhukuda, bese nihamba niyobhukuda, nithole ukugqunqiswa yilanga."

136 Udinga ukugqunqiswa yilanga. Nginamantombazane amabili, bangakuzama ngolunye lwalezizinsuku, futhi bazothola ukugqunqinswa yilanga, kodwa hhayi ilanga i l-a-n-g-a, indodana i n-d-o-d-a-n-a kaMnu. Branham, mina ngineplangwe lomphongolo emva kwabo, ngamandla ami engingababhaxabula ngawo. Yilokho abakudingayo, yilolohlobo lokugqunqiswa. Mm! Yebo, mnumzane. O, he!

137 Esikudingayo namhlanje yimvuselelo enhle kaPawulu oNgcwele omdala, noMoya oNgcwele weBhayibheli ubuyele ebandleni futhi. Kunjalo. Izimpokophelo zakhe ziphakeme. Inkukhu ihlala phansi emhlabathini, yakha isidleke sayo, nawo onke amagundwane, inyoka, nawo wonke umthuthambi okhona uyangena, udla amaqanda ngaphambi kokuba aze azalwe, ngisho achanyuselwe. Kunjalo.

138 Yingalesosizathu uBilly elahlekelwa yibo bonke abaphendukile bakhe. Kunjalo impela. Lonke igundwane ezweni, wonke obhema usikilidi omdala, umdansi, konke okunye kuyangena, kuyabakhipha. Ake akhe lesosidleke phezulu kancane phezulu ngaleya ngesinye isikhathi, abaphakamisele phezulu kancanyana nje. Asuke ekufinyeleleni kubo!

139 UJesu wathi, "Uma nithanda izwe, izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakini." UJohane washo lokho. Bakhiphe ezintweni zezwe. Basuse ekufinyeleleni kukho. Futhi umuntu owake wanambitha uJesu Kristu, izwe lifile kuye.

140 NgineBhayibheli elincane ekhaya, elinye elami lokuqala, futhi ngalicosha ngolunye usuku futhi ngalibuka, nganginakho ngemuva, abantu babelokhu bengibuza imibuzo, wathi, "Ngabe kuyiphutha ukubhema na?" Lokho kungenkathi ngisebandleni leBaptisti. Wathi, "Ngabe kuyiphutha ukubhema na? Ngabe kuyiphutha ukuphuza na?" Ngangibhale inkondlo encane phakathi lapho, ngase ngithi:

> Ungangibuzi imibuzo ewubuwula.
> Vele ucabange lokhu engqondweni yakho,
> Uma uthanda iNkosi ngayo yonke inhliziyo
>   yakho,
> Awubhemi, upilombe, noma uphuze noma
>   yibuphi utshwala obungekho emthethweni.

141 Ngakho, ngicabanga ukuthi lokho kusami kahle. Kunjalo. Ubuyoke udle kanjani emgqonyeni kadoti emva kokuba usudle etafuleni likaNkulunkulu na? Ayikho into enjalo, ngakho ungeke ukwenze. Impela.

142 Manje, into elandelayo Wafanisa ukhozi. . .O, sinezinto eziningi kakhulu, kodwa asinaso isikhathi sokufinyelela kuzo zonke. Kodwa into elandelayo ukhozi lubuyisela ubusha balo. Niyazi amaHubo asho ukuthi. . .iZaga zakusho. "Njengokhozi lubuyisela ubusha balo," luhlumelisa ubusha balo, luhlumelelisa ubusha balo. Ukhozi oludala, njalo ngasikhathi, zonke lezozimpaphe ziyaqathaka, futhi luhlumelelisa ubusha balo futhi, awu, lokho kufaniswa neBandla laKhe.

143 Ngiyakhumbula okokuqala ukuba ngike ngibone abantu bePentecostal. Kwakusenhla etabernakele, uMfowethu Raugh, enhla lapha e-Indiana. Ngi. . .Michigan, yilapho, iDowagiac, kusondele eDowagiac. O, ngiyalikhohlwa igama lendawo manje. O, he, kwakusenhla e-Indiana, lapho ngqo emngceleni waseMichigan, futhi, iMishawaka, e-Indiana. Kunjalo, iMishawaka.

144 Futhi ngangena lapho, futhi babenabashumayeli cishe abangamashumi ayisithupha emsamo ngalobobusuku, futhi wathi, "Bonke abashumayeli abenyuke." Ngakho ngenyukela lapho, futhi ngangiyiBaptisti, futhi ngakho, ngahlala phansi.

145 Futhi ngakho, babebazwile abanye balabo bashumayeli, labobafo abasebasha ngalolosuku, bonke beshumayela ukuthi uJesu wayenjani, nokuthi WayenguMsindisi omangalisayo kanjani, kanjalonjalo. Futhi ngalobobusuku ngomlayezo omkhulu, baletha endala, indoda eyikhaladi phandle lapho, nomfo omdala ompofu, wacishe wadingeka amhole amkhiphe. Wayenelikhulukazi elidala, elibukeka lil'hlaza s'bhakabhaka, elisikwe, ijazi iPrince Albert, nomunye walaba lapha okhololo kulo, ibhantshi elidala lomshumayeli, niyazi. Uphumela lapho, indingilizi encane nje yezinwele ezimhlophe, nangu ephumela epulpiti *kanjalo*. Futhi ngacabanga, "Awu, kungani bengakhiphi abanye balaba osiyazi bezenkolo abasebasha phandle lapho, balethe umlayezo na?"

146 Umfo omdala uphumela lapho, niyazi, futhi wafika epulpiti, *kanje*, wathi, "Mina ufuna ukuthatha indikimba yami kulobubusuku," wathi, "ngale kuJobe." Ngikholwa ukuthi ngele 7—7:37, noma into efana naleyo. Wathi, "Wawukuphi ngenkathi Ngibeka izisekelo zezwe, lapho ziboshelwe khona, lapho izinkanyezi zokusa zahlabelela kanyekanye, namadodana kaNkulunkulu amemeza ngokujabula na?"

Ngacabanga, "Kungani bebeke lelokhehla phandle lapho ukuba lishumayele na?"

147 Futhi bonke labobafo babekade beshumayela lokho uJesu akwenzile ezansi lapha, waqala emuva ngaleya ngaphambi kokuba iPhakade liqale, waMletha yonke indlela enqamula izibhakabhaka, futhi waba naYe ehla ngothingo lwenkosazane oluvundlile ekuFikeni kwesiBili.

148 Ngalesosikhathi uMoya oNgcwele wamshaya, wampongoloza "*Whuu*!" wagxuma futhi wahamba esina ezungeza *kanjalo*, kwakukhona indawo ephindwe kabili kunaleyo ekhona lapha, wahamba wasuka emsamo, wathi, "Ayikho indawo eyenele phezulu lapha ukuba ngishumayele," wasuka lapho, niyazi, lowomsamo.

Ngathi, "Mfana, yilokho engikufunayo! Uma kuzokwenza indoda endala iziphathe kanjalo, bekuyokwenzani ensizweni . . . ? . . . " Kunjalo.

149 "Njengokhozi luhlumelisa ubusha balo." Yebo, mnumzane. Imvuselelo ithatha futhi inyakazise yonke imizwa emidala exakile isuke kuwe, indizele emoyeni ngaleya. Wafanisa ifa laKhe nokhozi, ngoba ukhozi luhlumelelisa ubusha balo.

150 Manje, kumenza amemeze. Bhekisisani ibandla, lizobe lihlezi, lomile lonke, into yokuqala niyazi, uMoya oNgcwele uyabashaya, okwabo . . . Ngani, abantu abadala bamile ngezinyawo zabo, begxuma, futhi bememeza, futhi bedumisa uNkulunkulu, kuhlumelelisa ubusha babo futhi, kunjalo, yenza noma yini umuntu omusha angayenza, nje agxume, futhi ampongoloze, futhi adazuluke, futhi amemeze; uhlumelelisa

ubusha bakhe. Kunjalo. Ngiyakholelwa kulokho, anikholelwa na?

151 Kwakukhona umlimi enhla lapho e-Indiana, omunye wabo wayengu, wayengumlimi okahle, izinqolobane zakhe yayingeyinhle kakhulu, o, imifantu ezinqolobaneni, nakho konke. Futhi kwakukhona omunye umlimi ezansi lapho, kodwa wayenemali eningi, ngakho wakha inqolobane enhle kunazo zonke owawungake uyibone. Lokhu kuhle kubashumayeli. Ngakho ngithi, wakha inqolobane enhle kunazo zonke owake wazibona, wayenogandaganda nakho konke, kodwa lowomfo wayevilapha kakhulu ukulima.

152 Ngakho ngamunye wabo. . .Futhi omunye umlimi, umlimi owayenenqolobane embi, imishini encane ndawo ndawo, wayene. . .wayengumlimi wangempela, phezulu futhi kukho, ngakho wakhulisa inqwaba yefolishi i-alfalfa enhle, nayo yonke into ngalowonyaka, futhi walibeka phezulu.

153 Futhi olandelayo, lapho enqolobaneni ngalowonyaka, zombili izinqolobane, kwazalwa inkonyane. Futhi ngentwasahlobo elandelayo imimoya efudumele iqala ukuvunguza, badedela, u—umlimi ocebile ezansi lapho wadedela inkonyane yakhe encane, umfo omncane bandla, ezace kakhulu, iphuma idiyazela, imimoya icishe impela iyiphephulele emaceleni, kul'khuni ukuba ihambisane. Yayingenalutho ukuba idle, yayinokhula oludala phezulu lapho, niyazi, oludala, ukhula lwamahlelo. "Singu *s'bani-bani*. Singabafo abakhulu." Lokho akusoze kwakhuluphalisa umphefumulo, qhabo, qhabo.

154 Kodwa leli elinye inkonyane elincane, lalingenaso kakhulu isibaya ukuba lihlale kuso, kodwa, mfowethu, ngenkathi beyikhipha, yayigcwele onke amavithamini, futhi ikhuluphele, he, igcwele nje futhi ikhuluphele ngakho konke. Indoda, yavele yakhahlela izithende zayo, futhi yaqala ukushaya lowomoya, niyazi, wayishaya, futhi nje waye—nje wayene, ngenkathi lowomoya ovunguzayo uyishaya, yayinesikhathi esikhulu nje, igijima izungeza nje, ikhahlela izithende zayo.

155 Niyazi ukuthi elincane, ithole elimpofu lenzeni na? Lahloma elalo elincane, ikhanda elimpofu emfantwini wothango, lathi, "*Cuu*, *cuu*, *cuu*, *cuu*, *cuu!* Ubuhlanya obunje pho!"

156 Kwakuyini indaba na? Lalibulawa yindlala okhuleni lwamahlelo. Esikudingayo amavithamini athile kaMoya oNgcwele ebandleni, kuzohlumelelisa ubusha, kuzohlumelisa ubusha bebandla, kukubuyisele ePhentekoste futhi, kunilethele isehlakalo, amen, likhuluphaliswe.

157 Sibeka okuningi kakhulu, futhi yileyo indaba ngathi bantu bePentecostal, sibeka okuningi kakhulu ezakhiweni zethu kulezizinsuku, futhi sizisho ukuthi uJesu uyeza. Yebo, mnumzane. Ebesifanele sikwenze ngukuba semsebenzini, siphume sithole umuntu othile phakathi lapho, sisindise

imiphefumulo, siyiphakela amavithamini kaNkulunkulu ngamandla kaNkulunkulu. Kunjalo impela.

158 Manje, ekugcineni ukhozi oludala luthatha indawo uku... ngi...Izinto eziningana ngalo, kodwa ngifanele nje ngishaye endaweni ephakeme manje, isikhathi sami siyabaleka. Ngakho thina...Ake silubone lwakha isidleke salo. Luzoba, zizoba nesidleke esigcwele abancinyane. Lwakha ibandla lalo, niyazi, phezulu le esiqongweni segquma, futhi lisibophe kahle ngempela.

159 Manje, lesosidleke sonke sigcwele onamathela. Awu, aluyifuni leyonto, awufuni abaphendukile bakho abasha ukuba bazi bonke onamathela ngento, niyazi, ukuthi wadingeka kanjani ukulwa ukuze ufike lapho. Kodwa niyazi ukuthi ukhozi lwenzani na? Luyaphuma futhi lugcwalise izigqebhe lesosidleke, ufanele usibone. Lowomama-khozi omdala uyophuma futhi athole isikhumba sikanogwaja, adle unogwaja, bese-ke ethatha isikhumba, futhi asigxishe kuyo yonke imifantu emincane *kanjalo*, asenze nje sibe esincane nje, indawo ethambile, o, esihle kunazo zonke, esincane, isidleke esithokomele sabancane ukuba bazalelwe kuso.

160 Yileyondlela uNkulunkulu akwenza ngayo, niyazi. O, he! Uma—uma uqala ukusindiswa, awuzizwa yini ukahle, uhamba kulokho okuncane, okulula okukahle, niyazi, o, he, lezo ezincane, izinyawo ezithambile, niyazi, zinhle nje. O, lokho kuhle ngempela!

161 O, ukuthi ubaba uhamba kanjani ehla enyuka esidlekeni ngaleyonkathi, labo abancinyane bayazalwa, ebabuka. Mm! He! O, sewake walubona lunkonkomala, luphosa lawomahlombe emuva futhi lunkonkomale, lubuka abancinyane balo.

162 "Bonke babukeka befana naMi." Kunjalo. "Okholwa yiMi imisebenzi eNgiyenzayo, naye uyakuyenza. Ningaphuza isitsha sokuhlushwa, kuhlekiswa ngani, nibizwe ngoBelzabule, njengaMi na?"

"Yebo."

"Ningabhaphathizwa ngoMoya engibhaphathizwe ngawo na?"

"Yebo."

"NjengaMi nje." Ebuka abancinyane bakhe, niyabo. O, lunkonkomala kanjani!

163 Manje, ukuba-ke khona manjalo omunye walabobafo abancane ubengaba yigwababa, andizele esidlekeni, futhi ampongoloze, "*Klwe, klwe, klwe, klwe*"? Hhe! Lokho bekuyoba yibhastela.

164 Yileyo indaba namhlanje, sinoklebe abaningi ababhasteliwe namagwababa esidlekeni, futhi hhayi izinkozi zangempela

ezikholwayo, inkolo ebhasteliwe kakhulu, sizama ukuxuba amafutha namanzi ndawonye, ngeke kuxubane.

165 Niyazi ukuthi bekuzokwenzekani na? Uma lelogwababa elincane ligxumela phezulu lapho, futhi lampongoloza, "*Klwe, klwe, klwe!* Izinsuku zezimangaliso selwedlule, ayikho into okuthiwa ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele, konke lokhu ngubuhlanya," Ubezolikhahlela alikhiphe lapho.

Bekuyokwenzekani kulo phezulu kulesosidleke ngaleyonkathi na? Beliyobuthuka, ngaphambi kokuba lehlele phakathi kwezinkukhu, impela beliyokwenza. Yebo, mnumzane.

166 Qhabo, mnumzane. UBaba Khozi, babukeka njengaYe nje, bakholwa yinto efanayo Ayenzayo, babukeka njengaYe. Yebo, mnumzane. Benziwe njengaYe, bakhiwe njengaYe, futhi Uyazi ukuthi bayizinkozi zangokoqobo. O, he! Yilokho uNkulunkulu akufunayo, uMesiya wangoqobo. E-hhe.

167 UnguMesiya. U*Mesiya* u "NgoGcotshiweyo." Futhi singabantwana baKhe, abanogcobo oluncane, ngakho si, njengoba uJehova-Khozi eluKhozi olukhulu, futhi siyizinkozi ezincane, UnguMesiya, futhi thina ngogcobo olufanayo singoMesiya abancane. Amen. Ogcotshiweyo, u*Mesiya* kusho "OGcotshiweyo." Ugcotshiwe wena na? Amen. Ngani na? UMoya ofanayo Agcotshwa ngawo. SinaWo ngesilinganiso, UnaWo ngaphandle kwesilinganiso. WayenguNkulunkulu ebonakaliswa enyameni, futhi singamadodana kaNkulunkulu, izingxenye zaKhe zaphuma, yebo, mnumzane. "Yona kanye imisebenzi eNgiyenzayo, nani niyakuyenza."

168 Ngingahle ngithathe isipunu esigcwele amanzi kulolulwandlekazi phandle lapha, futhi awusoze wakugeja olwandlekazi. Yileyondlela ebesiyogeja ngayo uma bekungenzeka kuconse. Kodwa khumbulani, amakhemikhali afanayo akulo lonke ulwandlekazi likuleso sipunu, amanzi afanayo, lokho nje kungaphezulu kwakho phandle lapho, ngakho yilokho okuyikho. Ku . . .

O, wena uthi, "Yini leyo ephandle *lapho* na?"

"Amanzi olwandlekazi."

"Yini lena *lapha* na?"

"Amanzi olwandlekazi." Ncamashi nje.

169 Yileyondlela uBaba Khozi acabanga ngayo ngabancinyane baKhe, ukuthi Uhamba ezulazula kanjani, Uyobamemeza kakhulu, bayophendula, yilokho-ke.

"NGINGUYE owayekhona!"

"Amen, Baba!"

"NGINGUYE okhona!"

"Amen, Baba!"

"NGINGUYE ozayo!"

"Amen, Baba!"

"NGINGUYE izolo, namuhla, naphakade!"

"Amen, Baba!"

"NGISE NGUMphulukisi!"

"Amen, Baba!"

"Ngisanikeza uMoya oNgcwele!"

"Amen, Baba!"

"NGINGUYE izolo, namuhla, naphakade!"

"Amen, Baba!" Amen.

170 Igwababa elincane elidadlana lithi, "*Klwe, klwe, klwe!*"

171 "Wena klebe omncane, umpongolozela ini na? Phuma esidlekeni!" Yinqe elincane, wawungeke udle ukudla kokhozi, empeleni. Kunjalo. O, he!

172 Khona-ke into yokuqala niyazi, lithola ukuthi zi—zikahle, izinkozi ezincane, luyahambahamba. Futhi into yokuqala niyazi, Umama uzimisele ukuthi ezakhe—ukuthi izinkozi zakhe ezincane azizukufana nenkukhu eboshelwe emhlabeni, azizukuthola ukuhamba kulokho ngaso sonke isikhathi, kuzobanikeza izivivinyo ezimbalwa ukubona ukuthi ziphuma kanjani. "Yonke indodana eza kuNkulunkulu ifanele ilaywe, ivivinywe."

Futhi lapho behlehla, bathi, "Qhabo, bengifanele . . ."

173 O, ngani, wawungesiyo indodana kwasekuqaleni. Uma ungenakukumela ukulaywa khona-ke iBhayibheli lathi uba ngumntwana wesihlahla, futhi hhayi indodana kaNkulunkulu. Ngakho yileyondlela obakhipha ngayo.

174 "Njengomuntu waphuma," Wathi, "uMbuso kaNkulunkulu, waphonsa inetha olwandle, futhi ngenkathi eyidonsa eyikhipha, wayenezinhlanzi amaterapini, isikhuphashe, izibankwa, nakho konke okunye. Wazidonsela ngaphandle ogwini." Lowo ngumsebenzi womshumayeli, asazi ukuthi yimuphi kahlehle. Abanye babo yizinhlanzi, abanye babo yizibankwa, abanye babo yizinyoka, abanye izikhuphashe.

175 Bhekisisani isikhuphashe esidala uma silapho, omunye uthi, "Udumo! Haleluya! Ayibongwe iNkosi!"

Sithi, "*Bluu, bluu, bluu, bluu, bluu, bluu!* Angikukholwa lokho," sisho sihambe sibuyele ngqo emanzini.

176 Inyoka endala ivele nje iphakamise ikhanda layo, ithi, "Bengicabanga ukuthi bengisesontweni, kodwa ngabagingqiki abangcwele," futhi nansi ihamba.

Yayiyini na? Inyoka kwasekuqaleni, isikhuphashe kwasekuqaleni.

177 Isicabucabu senenekazi elidala, *plunkty-plunk*, emuva ngqo emgodini wodaka futhi, emuva ngqo phandle, sigqoke izikhindi, sigunda izinwele zaso. Yebo. Kunjalo. "Njengengulube iya ekuzibhixeni kwayo, nenja ebuhlanzweni bayo," nakho lapho okhona. Ungahlanyi, hlala uthule nje.

178 Ngenkathi ngisengumfanyana omncane sasihlala enhla eKentucky, futhi sasiphila kanzima. Umama wayevame ukuthatha ikhekhe lesinkwa sommbila elidala, angazi noma niyazi ukuthi siyini noma qha, uphizi onamehlo amnyama nemifino katheniphu, futhi lapho ethatha lelo khekhe lesinkwa sommbila elidala, sasingenawo amafutha engulube, wayekhipha inyama yezikhumba, bese-ke enza lokho, amafutha, ukufinyeza kwalesi sinkwa sommbila ngaleyonyama yezikhumba.

179 Futhi niyazi, kwakuwuhlobo lokuphila kabi. Ngakho-ke, njalo ngoMgqibelo ebusuku sonke sasivame ukuba nokugeza okukhulu, futhi sasinomkhulu omdala, ubhavu womsedari, bese-ke bethela amanzi phakathi lapho futhi ashise, sasicishe sibe yisishiyagalolunye, futhi ngakho bonke babegeza, wawungalokothi ushintshe amanzi, uvele nje wenezele amanye amanzi ashisayo, ngangingowokugcina engangidingeka ngithathe okwami uqobo, mfana, ngathola ukugeza kahle.

180 Kodwa, kwase kuthi-ke, into yakho kwakungemva kwalokho, ukulungiselela isikole ngeSonto, manje, lokhu kwakungoMgqibelo ebusuku, futhi ngeSonto sonke sasithatha umzuliswano omuhle kakhasta oyela ngenxa yendlela esasifanele sidle ngayo. Ngagula kakhulu yikho, ngangibamba ikhala lami, ngivale umlomo nje, ngathi, "Mama, angikwazi ngisho nokumela into." Angikwazi namanje.

Wathi, "S'thandwa, uma kungakwenzi ugule, akukusizi ngalutho."

181 Yileyondlela leliVangeli elingayo, uma lingakutholi lonke ulwazi lokudla kwakho kokomoya lushukunyisiwe, kukwenze ugule ngempela, ungeke uye ukuyomba futhi uthole ukuthi kulungile noma qha. Kunjalo. Ya. O, yebo. Ku—kuhle kuwe, kuzokushukumisa kakhulu, futhi kukulungise, kukwenze ulungele u—uHlwitho lapho selufika. Kunjalo. Yebo.

182 Ngakho lomama unqume ukuthi akafuni izinkozi zakhe ezincane zibe yizinkukhu zehlelo nje. Bakithi, qhabo! Likunqumile lokho, ngakho lizofanele lizikhiphe kulesosidleke. Lapho yonke into isebenza kahle, ufanele abanike isivivinyo. Ngakho niyazi ukuthi wenzani na? Ungena ngqo phakathi lapho, futhi uthatha umlomo wakhe omkhulu, yena nobaba, bese bephosa konke nokuncu kwalokho—kwalokho kuthwala kuphuma lapho, khona-ke kuba mahhadlahhadla, o, he, njengoba kwenza emva kwePhentekoste. Kwavuka ukuhlushwa, nakho konke okunye, niyazi. Njalo lapho ukhozi oluncane

luqala ukuhlala phansi, lwalugxuma, lwalukokuhlabahlabayo. Sewake waba nalesosehlakalo na? Nomaphi lapho uya khona, okuhlabahlabayo.

183 Angifuni ukujwayelana nezwe, anifuni ukuzijwayeza, qhabo, qhabo, nokuhamba ezintweni ezithambile. O, he! Asithathe indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi. Kunjalo.

184 Ukhozi oluncane luthi ukuthola . . . Li—likwenze ngenhloso lokho, ukuze lingezukujwayelana kakhulu nalesosidleke, liwukhozi, alusiyo inkukhu. Ufuna ukulukhipha lapho ukuze luthembe owalo uqobo. Ngakho lona, emva kwesikhashana, alukwazi nje ukuhlala phansi, lunesikhathi esesebekayo nje. Futhi umama uyanquma-ke ukuthi ufuna ukulwenzela i . . . uyazi ukuthi ulukhozi, uyalubuka, futhi uyathola, "Yebo, ulukhozi." Ngakho, selulungele ukushiya isidleke manje, alwenelisekile ngalezizinto ezindala zezwe.

185 Ngakho, into yokuqala niyazi, wathi, "Manje, uma lulukhozi, uma luhlala kanjalo ngaso sonke isikhathi, luzoba yinkukhu. Ngakho ngifanele ngilukhiphe lapha, futhi ngilunike isehlakalo esithize." Ngakho wehlela phezu kwesidleke, welula amaphiko akhe amakhulukazi. O, benifanele nikubone! He, ezinye zalezozinkozi zinwebeka amafidi ayishumi nane ukusuka echophweni kuye echophweni. Uyophonsa lawomaphiko amakhulu *kanje*, futhi ampongoloze, "*Klawu! Waa!*" lokho kumemeza okukhulu, kanjalo, uyovayizelisa lawomaphiko amakhulu.

186 Lezozinkozi ezincane ziqethuka *kanje*, lowomoya uphephezela phakathi kanjalo. He, ngenkathi ehlangula lawomaphiko amakhulu kanjalo, manje, uzofanele akhiphe zonke izimpaphe ezixegayo kuzo, ngoba uma ungakwenzi, zizofa lapho zifika phezulu lapho, ziyo—ziyo, lezozimpaphe ziyophuma phezulu lapho, awu-ke, kusesimweni esibi.

187 Futhi yileyo indaba ngebandla namhlanje, lidinga ukuhlakazwa kwesidleke okuhle, lithole ezinye zezimpaphe ezixegayo kulo, ziphume kulamaphiko, yebo. Uthwele igqubu, namagqubu, nezinto ezinjalo, uyofa ekundizeni.

188 UNkulunkulu angake aze abe kanjani nebandla elinezibonakaliso, nezimanga, nezimangaliso, lapho niqophisana, "Ngiyi*lokhu*, ngiyi*lokho*," namagqubu, nakho konke. Phephetha ukhiphe uze uMoya oNgcwele wehle njengomoya ovunguzayo, uphephethe yonke imehluko, nobuhlelo, zonke lezo ezincane ezindala, izimpaphe ezixegayo, "Ngiyi*lokhu*, futhi ngiyi*lokho*," awulutho obufanele ube yikho, okwashiwo ngumBhalo.

189 Phephetha ukhiphe zonke izimpaphe ezixegayo, o, he, ziqinise zonke, ngoba uzozithatha aziyise ekugibeleni kwangempela masinya impela, okukodwa. O, he, lokho kundiza

wedwa, okokuqala! Khona-ke u—uphephetha zonke izimpaphe ziphume, nesidleke nje siyabila kanjalo, izimpaphe ezixegayo zindiza, ndawo zonke. Athole zonke izimpaphe ziphume zindiza, ukuze zithole ezinhle eziqinile phakathi lapho, futhi uyazihlola futhi abone ukuthi sezilungele yini.

190 Yilokho uNkulunkulu azama ukukwenza ebandleni laKhe manje, akakwazi nje ukulithola lilungele, lezozimpaphe zilokhu zixega nje. Udinga amanye amaVithamini kamoya ukukuqinisa, amaVithamini athize okhozi, lelo yiZwi. Aqinise lezozimpaphe.

191 Bese kuthi-ke into yokuqala lapho ekukhipha konke, khona-ke uzofanele azithole ukuba zimkholwe, ngakho welula amaphiko akhe amakhulukazi, futhi udazuluka ngephimbo lakhe lonke, uziphephetha *kanjalo*, lowomoya onamandla ovunguzayo, niyazi, owehlayo. O, he!

192 Nezinkozi ezincane ziyaqethuka nje. Azibuki ngaphandle, zithi, "Ake sibone ukuthi uDkt. Jones wathini ngakho." Qhabo, qhabo, zibuka phezulu. O, futhi zibona lawomaphiko amakhulukazi. Niyabo, yini azama ukukwenza na? Uzama ukuthola lezozinkozi ezincane ukuba ziqonde ukuthi mkhulu kangakanani, amandla, zifanele zithembele kulawomaphiko amakhulu.

193 Yileyondlela uNkulunkulu enza ngayo, Uphephetha zonke izimpaphe ziphume kuwe, khona-ke Unamaphiko amabili, uNkulunkulu unawo, niyakwazi lokho na? UJehova-Khozi. Lelo yiTestamente eLisha neLidala. Uwaphephetha phambi kwakho. O, he! "NginguNkulunkulu kaMose. NginguNkulunkulu ka-Abrahama. NginguNkulunkulu owavusa uLazaru ethuneni. NginguYe owayefile futhi ngiyaphila futhi, ngiphila kuze kube phakade."

194 ITestamente eLisha neLidala, liphephetha emuva naphambili, izinkozi ezincane zilele emuva lapho, zithi, "Umkhulu kangaka, Umkhulu kangaka!"

"Ngethembe."

195 Kusiza ngani ukunikeza inyoni engumzwilili amavithamini amaphiko ayo, futhi wenze amathambo amahle, namaphiko, bese-ke uyigcina esibiyelweni na? Kusiza ngani ukufundisa abashumayeli besayense yezenkolo, nomlando, nakho konke okunye, bese-ke ubatshela ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule, futhi ubabiyele kwelinye ihlelo na? *Psh!* Umbhedo! Mdedele futhi andize, uma ewukhozi. Amen. Kunjalo. Mtshele ukuthi izinsuku zezimangaliso zonke sezedlule, lolo akusilo ukhozi, lowo nguklebe, yebo, mnumzane, udla izinto ezifile.

196 Manje, qaphelani ukuthi kwenzekani, khona-ke lapho umama ezithola ukuba zibone lezozinkozi ezincane zilele phandle lapho, futhi zithi, "Umkhulu kangaka, umkhulu kangaka!"

197 Wake waphuma ngesikhathi sasebusuku futhi wabuka na? Ngangiphandle lapha eMount Palomar, ngikholwa ukuthi kwakuyikho. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]. . .yonke indlela uzungeze iBeaumont. Noma kunjalo bekungeke kuphuke ngemayela, nangale kwalokho. Futhi Wenzani na? Nje, "*Whewu!*" wabaphephetha ezandleni zaKhe. "Umkhulu kangaka, Umkhulu kangaka!"

198 Bukani uNkulunkulu kaMose, Owavula uLwandle oluBomvu, wathatha abantwana bamaHeberu esithandweni somlilo, uDaniyeli ephuma emphandwini wezingonyama, uLazaru ephuma ethuneni, "*Ngi*namandla," uNkulunkulu waMvusa, lelo yiqiniso, kodwa Wathi, "*Ngi*namandla okubeka ukuphila kwaMi phansi, *Ngi*namandla okukuthatha futhi." Amen. Umkhulu kangaka! "Ngethembe, NGINGUYE izolo, namuhla, naphakade."

199 Lawomaphiko amakhulu, thola ukuthi uJesu weTestamente eLisha unguJehova weLidala. Lawomaphiko amakhulu ephephezela phansi naphezulu, lowomoya onamandla ovunguzayo, uzondla kulokho. O, ngithanda kanjani ukulala kuleyomimoya ehelezayo! "Umkhulu kangaka, Umkhulu kangaka!" Ukushukumisa isidleke, yebo, mnumzane, ulungiselela.

200 Khona-ke ngolunye usuku uyanquma, ngoluhle, usuku oluluhlaza okwesibhakabhaka, ngakho-ke unquma ukuthatha amachwane akhe okhozi amancane ekundizeni kwawo kokuqala. Aselifundile lonke iBhayibheli lawo, futhi ayabona ukuthi mkhulu kangakanani, uyafana nje njengoba wayelokhu enjalo, amaphiko akhe amakhulu, izimpaphe zakhe ezinkulu, uhlonyiselwe ukunakekela abantwanyana bakhe. Ngakho welula amaphiko akho, weyama emuva *kanjalo*, uthi, "Gibelani, bantwana."

201 O, ngijabula kakhulu ukuthi awudingi ukuba ugxumele esivumwenikholo, ugxumela esiphambanweni. Amen. Lapho ngiMbona elula: "Akukho lutho engiluletha ezingalweni zami, ngithemba Wena, Nkosi, angazi ukuthi ngizokwenza kanjani."

202 Ngenkathi bengikhipha ebandleni lamaBaptisti, "Angazi ukuthi ngizokwenzani, angazi, Nkosi, kodwa ngizobambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo. Angazi ukuthi kuzokwenza kanjani, kodwa, Nkulunkulu, Ungigcobile, wangitshela ukuba ngihambe ngikhulekele abagulayo. Bangitshela ukuthi bazoba nami esikhungweni sezinhlanya emavikini ambalwa, kodwa Wena umkhulu kangakanani, Umkhulu kangaka!"

"Uzoyaphi na?"

"Angazi, nje nomaphi lapho Engiholela khona."

Umfowethu wangigcoba ebandleni, wathi, "Uyazi ukuthi uyophetha ngani na?"

Ngathi, "Ngolunye usuku eNkazimulweni, kodwa ngibambelele esiphambanweni, ngibambelele kuNkulunkulu."

203 Umama khozi uthi, "Gibelani manje." Futhi ubufanele ukubabona labobafo abancane, ukuthi babambelela kanjani. Bathatha amazipho abo amancane, futhi bazitholela idlanzana lezimpaphe *kanjalo*, babambelela phansi bese bethatha umlomo wabo omncane, bafinyelele phansi, babambelele kolunye uphaphe, bathi, "Kulungile, Mama, sengilungele." Mm!

Lushiya lesosidleke, luphezulu le emoyeni, empeleni, niyabo, ngoba abasibo oklebe manje, bayizinkozi, bazalelwa phezulu lapho.

204 Ungazalelwa phansi *lapha*, zalelwe phezulu *Lapho*. Uzalelwa phansi *lapha*, ungumfowethu wehlelo, lokho kulungile, uyinyoni, nawe. Kodwa uma uzalelwe phezulu *Lapha*, mfowethu, uzalwa eMoyeni kaNkulunkulu, haleluya, awuzalwa esivumwenikholo esithize, uphezulu le *lapha* emoyeni.

Umama omdala ugxuma kancane kanjalo, futhi uhlela lawomaphiko amakhulu, lapho umoya uza kahle nje, uya phezulu *le*, akhuphuke njalo.

Ukhozi oluncane, ngiyaluzwa lubuka ngale, luthi, "Mfowethu Jones, ucabangani ngalokho na? O, lokhu akumangalisi na?"

"Mm! Kungifanela kahle nje. Awunjalo na?"

"Yebo, mnumzane. E-hhe."

205 Lubambelele ngqo, o, he, luqhubeke, luqhubeke, luqhubeke, luqhubeke, luqhubeke, luze luyothi ngqu ngaphandle kokubona nalabobafo abancane. Awu, uma labo ubengoklebe bebeyowa kudala, babengamagwababa noma ngisho oklebe, babefanele babe yizinkozi kungenjalo bangeke bakumele. Bayahlolwa ngaphambi kokuba bayiswe ekundizeni, yingalesosizathu singatholi ukundiza okuningi kakhulu. Whewu! Mm! Bengingafanele ngikusho lokho, mhlawumbe. Kodwa sekuvele kushiwo, ngakho . . .

206 Empeleni, o, lapho befika phezulu le lapho, niyazi ukuthi wenzani lapho efika phezulu lapho na? Ngabe ubheka ngale, bese ethi, "Nenze kahle kakhulu, bantwana, ngizonibuyisela ngqo esidlekeni senu futhi"?

207 Qhabo, mnumzane, uyabalahla, bonke, lubasuse. Bayizinkozi, bangandiza, uma beyizinkozi, ba*nga*ndiza. Amen. Bayizinkozi. Bangandiza uma beyizinkozi. Uyabalahla, futhi andize asuke kubo, uyabayeka nje. Nampo baphezulu emoyeni, mfowethu, bavele nje baqhwabaze, bathi dikli, baqhwabaze, bathi dikli, baqhwabaze, bathi dikli, babhakuzise.

"Thanini dikli kakhulu, bantwana. Qhubekani nje nibhakuzisa amaphiko enu amancane, niyizinkozi."

208 Banombuthano wePentecostal, lokhu bephenduphenduka nje, benesikhathi esikhulu nje phezulu esibhakabhakeni, amen, kude le kulezozinkukhu zehlelo, phezulu le lapho esibhakabhakeni, haleluya, phezulu le esibhakabhakeni, nje bebhakuza bezungeza benesikhathi esikhulu.

209 Manje, niyazi ukuthi kungani benesikhathi esikhulu kangaka na? Ababuki phansi emhlabeni. Mfana, lokho kuzwakala kukuhle. Mfana, baphezulu lapho lapho abangabakhona. Noma yimuphi umKristu ozelwe ngokusha uyathanda ukungena kulezozimbulunga phezulu lapho. Futhi niyazi ukuthi kungani na? Umama, ubagudluzela eceleni, ubamba lawomaphiko amakhulu futhi ababhekisise.

210 O, bano—banokumethemba okuphelele umama wabo. Kanjalo nami. Niyabo? O, Lowo owangenyusela lapha, Uzonginakekela. Lowo owenza isithembiso, Uyakwazi ukunakekela isithembiso saKhe. Nomama, ikhono lakhe lokubabamba futhi!

211 Uma kwenzeka omunye aphume emthethweni, niyazi, bathi, "Lowo ngumlilo wasendle omningi kakhulu." Ngingaqoka ukuba nomlilo omncane wasendle kunokuba ngingabi nawo nhlobo. Okungenani unendawo eyanele ukubhakuzisa amaphiko akho. Ngakho-ke uma omunye wabo eba nokugumbuqela, abakhathazeki ngakho, umama uyambhekisisa, uyabona ukuthi angeke aphume kukho, uvele nje ashwibekele phansi, aluphakamise ngamaphiko akhe, bese aluthwale alukhuphuleleni emseni futhi. Leyo yimfundiso enhle yobuCalvin, kodwa, mfowethu, lokho kuhle. Kunjalo, ubakhuphulela ngqo emseni futhi, amthwale amkhuphule.

212 Amyise emaphikweni akhe eZwi, uthi, "Lapha, S'thandwa, usuphumile eZwini manje, uchezukela ekupheleni okungalungile. Ubuyela phezulu bese emzama futhi manje."

213 Athathe iZwi likaNkulunkulu futhi ambuyisele ngqo emseni futhi. Amen. O, banokuzethemba. Bayakholwa, mfowethu, banesikhathi esikhulu, bebhakuzisa nje, futhi bedazuluka, futhi bempongoloza, futhi beqhubeka, beba nombuthano ojwayelekile wePentecostal.

214 Manje, lezozinkukhu ezansi lapho azazi neyodwa into ngalokho, zibuka phezulu lapho, bese zithi, "Kumayelana nani konke lokho na? Angikaze ngizwe ngento enjalo." Qhubeka, hlala emhlabathini uma ufuna. Ya.

215 Niyazi, kwashiwo ngesinye isikhathi ukuthi umlimi wayezofukamelisa isikhukhukazi. Ake sibone, yini ukufukamelisa na? Ishumi nanhlanu? Ngiyacabanga. Ishumi nanhlanu yisikhukhukazi esifukamelayo. Ngizwa omunye umama omdala okahle lapho ethi, "Yebo." Ngiyakhumbula uMama wayevamise ukubeka omaka bepensela yonke indawo, ukuze akwazi ukubona uma kukhona iqanda elisha phakathi

lapho noma qha, niyazi. Sadingeka sikubhekisise lokho. Niyabo? Iqanda elisha lalisho okuthile. Ngakho wayefukamelisa isikhukhukazi, ishumi nanhlanu.

216 Futhi umlimi wayenamaqanda ayishumi nane kuphela. Ngakho wakhwela eweni futhi wathola iqanda lokhozi, walehlisa, walifaka ngaphansi kwesikhukhukazi. Ngenkathi lichanyuselwa, kwakukhona amachwane enkukhu ayishumi nane nokhozi olulodwa. Lokho kuthi akube yisilinganiso, elilodwa ekufukameleni. Kunjalo. Lokho kuthi akube yindlela ezihamba ngayo, cishe elilodwa ekufukameleni.

217 Ngakho, ngenkathi lolukhozi oluncane luzalwa, ungazibonela ukuthi idada eliyinqaba kanjani elalikulelohlelo ezansi lapho. Ngani, lwalungaqondi ukuthi isikhukhukazi esidala sasihamba—sihambahamba, sithi, "*Ku, ku, ku, ku, ku!* Manje, niyabo izinsuku zezimangaliso selwedlule. *Ku, ku, ku, ku!*"

Lwathi, "Yini indaba na?"

218 Saphumela lapho futhi saqhwisha nxazonke, niyazi, kulelogceke, "Ngizoba nesidlo sakusihlwa sesobho kulobubusuku, nonke thamelani," niyazi, onke kanjalo.

219 Ngani, lwalungazi, lwalungaluthandi lolohlobo lokudla, lokho kwalwenza laba nesicanucanu. Onke ahlekisa ngalo. O, sonke sibe nalololwazi lwesipiliyoni, asizange na? Bahlekise ngathi. Sengathi ngiyabona ezincane, izinkozi zesifazane, kwakukhona *enye into* ngalo, lwalungenawo amafishane, amaphiko aphunguliwe kanjalo, lwalunamaphiko amade, ngoba lwalu . . .? . . .

220 Mm! Angifuni ukunilimaza, nginithanda kahle kakhulu. Kodwa, mfowethu, ngezinye izikhathi uhlikihla uboya emuva kancanyana kanye ngankathi ukukusiza.

221 Ngakho, lwaluhambahamba, niyazi, emaphikweni alo amancane, lwathi, "Awu, kungani—kungani ngingabukeki njengabo bonke abanye na? Kungani ngingakwazi ukuzitika ezintweni ezinjengalokho na? Kungani lokhu na?"

222 Awu, uyisidalwa esehlukile nje, yilokho kuphela. Niyabo? Nina—nina nani . . . Samiselwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe ukuba sibe yizinkozi, hhayi uklebe, noma inkukhu. Niyabo?

223 Luhamba ngapho, niyazi, isikhukhukazi esidala sithola, phandle lapho enqwabeni yomquba, siyohamba siqhwisha ezindala, izinto ezifile zezwe, sithi, "Manje, sizoba nomjaho wehula phansi ogwini lolwandle, lapho bonke beyobhukuda khona."

"He, bakithi! Mm!" Alukwazanga ukukumela lokho.

"Sizoba nomdlalo wokuwaka ekamelweni elingaphansi."

"Mm?" Lelo elincane . . .

224 Umdlalo wamakhadi, yilokho okuyikho, umdlalo wamakhadi. Ngivele nje, angilwazi lolo hlobo lwamagama. Kulungile. Yini umdlalo wokuwaka na? Ngabe kunjalo na? Mina, mhlawumbe benginephutha. Umdlalo wamakhadi, niyabo, noma ngabe kuyini. Empeleni, "Sizoba nalokho."

225 Lolokhozi oluncane lwalungakuqondi lokho, leyo kwakungesiyo into olwalukade luyidla, akululingananga kahle nje. Nizizwe ngaleyondlela ngenkathi niphandle lapho na? Mfana, ngakwenza. O bakithi! Izinto zazinginukela. Uzibiza ngamaKristu na? Umelusi uzofanele akhiphe ibandla kusasele imizuzu eyishumi nanhlanu ukuba abheme ngaphambi kokuba abuyele epulpiti; akuzwakalanga kahle kimi. Bonke abadikoni begijima bezungeza lapho, futhi—futhi bengibazi begijima nabesifazane ebandleni, nezinto ezinjalo, lokho akuzwakalanga njengamaKristu kimi. Niyabo? Akuzange nje kungenele kahle.

226 Ngakho lwahambahamba. Lwalufanele lube semuva ngaso sonke isikhathi. Abasoze bakufake kulutho, ungakhathazeki ngalokho. Ngakho neze. . . Zifanele ziphumele lapho lapho zibukeka njengezinkukhu, niyazi. Ngakho-ke into yokuqala uyazi, wahamba wazungeza wadabula esabelweni. Ngempela wa—wayeyi—wayeyi—wayeyinombolo eyinqaba. Futhi noma yimuphi umKristu ozelwe ngokusha emfucumfucwini enjalo, noma yiluphi ukhozi endaweni enjengaleyo yinombolo eyinqaba. Kunjalo. Ngakho wayengazi ukuthi enzeni, umfo omncane wayengazi lutho olungcono. Mhlawumbe asizange. Besingazi lutho olungcono.

227 Futhi ngelinye ilanga niyazi ukuthini? Umama wayazi ukuthi wazalela amaqanda amabili, imvula yokuqala, nemvula yamuva. Kwenzekani kwelinye lawo na? Ngakho uqala ukulizingela. Nangu eza, ebhakuzisa lamaphiko, wayeqalaza ngalawo amakhulu, amehlo ahlabayo, wayekwazi ukubuka ndawo zonke. Wandizela phezu kwesibuya, ngenkathi ekwenza wathi, "Ndodana!" Lokho akuzwakalanga, "*Ku*, *ku*, *ku*." Qhabo.

Lwaphendula ikhanda lalo elincane lwaselubheka phezulu, lwathi, "Lokho kuzwakala kuyikho ngempela. Kwavelaphi lokho na?" O, he!

228 Niyakhumbula okokuqala uNkulunkulu ake akhuluma kini na? O, udumo! Uzongibiza ngomgingqiki ongcwele, noma kanjani, ngakho-ke ungavele nje uqale manje. O, he! Ngenkathi ngiqala ukuzwa iPhimbo laKhe Lakhuluma njengamanzi amaningi. O, he! Ngase*mfudlaneni*, noma, umfudlana ogelezayo, ukuze alale phansi, ageze, abuke phezulu. He!

Wabheka phezulu, wayesethi, "Bekuyini leyo na?"

Luyabuya ngale, lwathi, "S'thandwa, ungowami! Awusuye owaleyondawo, noma kanjani."

229 "Phumani phakathi kwabo, zahlukaniseni, kusho iNkosi, ningathinti izinto zabo ezingcolile, futhi Ngiyoba nguNkulunkulu kini. Ngiyoba nguNkulunkulu kini, niyoba yindodana nendodakazi kiMi." Niyabo?

"Awusuye owayo, leyonhlangano endala ithi izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ungowami, ulukhozi." Niyabo?

"O, lokho kuzwakala kukuhle," lwasho. "Ngiyaluqonda lolohlobo lokukhuluma."

230 Yebo, mnumzane. Kungani na? Lwaluwukhozi kwasekuqaleni. Empeleni lwaluwukhozi, lwangena nje esidlekeni esingafanele, kwakuyilokho kuphela. Ngethemba ukuthi anginilimazi bazalwane, kodwa ngi—nginitshela iqiniso nje. Kunjalo. Abaningi babo namhlanje usesidlekeni esingafanele.

"O," lwathi, "esidlekeni esingesiso, hhe, Mama? Ngabe yilokho okwenzekayo na?"

"Ya."

"UnguMama wami?"

"Yebo, ngiyikho kokubili ubaba wakho, nomama, udade, umfowenu. Ngiyikho konke kukho konke kuwe."

"Lokho kuzwakala kahle, Mama. Manje, Mama, ngifanele ngenzenjani na?"

231 Lwathi, "Ngiyakutshela, S'thandwa, ukuthi ufanele wenzeni, ufanele ugxume. Ufanele ugxume, ususe izinyawo zakho emhlabathini, bese-ke nje uhamba ubhakuzisa lawomaphiko akho amancane, abhakuzise ngamandla akho onke. Ungaphakama, ngoba uwukhozi. Niyabo, unezimpaphe ezinde. Ndiza! Vele ugxume usuke emhlabathini, bese uqala ukubhakuzisa amaphiko akho kanzima impela, ngizokuthola."

232 Futhi lwagxumela phezulu, lolukhozi oluncane luphuma kulawomahlelo, futhi lunikeza ukubhakuza okukhulukazi kane noma kahlanu, futhi luxhuxhume ngqo esigxotsheni senqolobane, khona impela phakathi nehlelo lePentecostal.

233 Ungeke walihlela iPhentekoste, ungeke walihlela, iPhentekoste liyisehlakalo, hhayi inhlangano, kungokwenu maMethodisti, nina maBaptisti, nina maPresbyterian. Bazama ukudonsa uthango ngakulo, kodwa akunjalo, izinkozi ziyondiza phezu kwalo ngqo. Impela, ziyokwenza, azikunaki.

Umama uyafika lapha, lwathi, lwathi, "Mama, angenzi kahle na? Buka ukuthi ngikuphi manje, Mama!"

Wathi, "Ndodana, uzofanele ugxume ngaphezu kwalokho, kungenjalo angikwazi ngisho nokukuthola."

234 Nango washwibeka wabuyela emuva futhi. Lwaphosa izinyawo zalo ezincane phezulu emoyeni futhi luqala ukubhakuzisa amaphiko alo ngamandla alo onke, futhi

into yokuqala niyazi, lwazizwa luphakanyiswa, phezulu, phezulu, lwaze lwashaya iMilky White Way. Amen. Khona-ke lwalukwazi ukuzindizela, emva kokuba seluphakame ngokwanele, lwalukwazi ukuzindizela.

235 Mfowethu, yileyo indaba ngebandla namhlanje, alikaze liphakame ngokwanele, ukuphuma nje enhlanganweni noma *enye into ethize*, ukuthola ukuthi lungandiza noma qha. Yebo, mnumzane. Wazi kanjani ukuthi awukwazi ukundiza na? Sebenzisa amaphiko akho. Haleluya! Gxumela kukho, uhambe uyobhakuzisa amaphiko akho bese uthola. UJehova uzokubamba. "Ngizomphakamisa ngamaphiko okhozi." Amen. O! Whewu! He! He!

> Ngithola abantu abaningi abangakwazi ukuqonda
> Kungani sijabule kangaka futhi sikhululekile;
> Ngigcwaliswe ngoMoya, akukho kungabaza,
> Futhi yileyo indaba ngami.

Yebo, mnumzane. O, he!

> Ngawela iJordani ngaya ezweni elihle laseKhanani,
> Lokhu kufana neZulu kimi.

236 Ngabe kunjalo, mfowethu, dadewethu na? Anijabuli yini ukuthi niwukhozi namhlanje na? UJehova-Khozi unathi, uNkulunkulu, uJehova-Khozi, Unathi. NgiyaMthanda, aninjalo na? Asikhothamise amakhanda ethu. Uvele washo into ethize nje kimi ngaleyonkathi nje.

237 Bangaki phakathi lapha abangathanda ukundiza basuke othini oludala lukaklebe, baphume bangene kuKristu, futhi baphile ngokukhululeka eMoyeni na? Phakamisani izandla zenu, bese nithi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham." O, bukani nje izandla! "Babusisiwe abalambayo futhi bome." Lona kungahle ukuba bekungumlayezo oluhlaza kabi, bandla. Uluhlaza ngoba anginamfundo, angisuye u—usiyazi wezenkolo. Izindlela ezincane nje eziluhlaza zokuthi ngangiyibhekisisa kanjani imvelo, futhi ngazi uNkulunkulu wagcoba imvelo. Ngakho, U—UnguNkulunkulu, U—U—Uselapha, Wa—Wazi izinto zonke.

238 Nje yibani se, thulani umzuzwana. Ngi—ngifuna ukubona ukuthi Ufuna ngenzeni. Yiba semkhulekweni nje, "Nkosi, yiba nomusa kimi. Ngiphakamise isandla sami, thatha isandla sami, futhi ungiphakamise ngaphezu kwethunzi njengamanje."

239 Mm! "Umkhulu kangaka, Umkhulu kangaka!" Akamangalisi na? Vele ugeze manje, umlayezo uyasika futhi uyalimaza, ugeze nje ebumnandini baKhe.

> Gama elimnandi kunawo onke olimini olufayo,

Ihubo lokuthokoza elimnandi kunawo onke ake aculwa,
O, Jesu, Jesu obusisiwe.

240 Khulekani nje manje, ngokuthula enhliziyweni yenu. Vumela uMoya oNgcwele uzike ungene ngqo emphefumulweni wakho. Thana, "Nkosi, ngithathe njengoba nginjalo." Niyabo, akukho engingakwenza manje, Uzofanele enze konke okunye kwakho, niyabo. Khuleka nje, uthi, "Baba," khuleka nje ngokuthula enhliziyweni yakho, indlela ofuna ukukhuleka ngayo, wena ophakamise isandla sakho, uthi, "ngamukele manje, Nkosi Jesu. Ngifuna ukuba wukhozi, ngifuna ukundiza ngihambe enkazimulweni kaNkulunkulu, ngibe semandleni aKhe."

Yebo:

Kukhona uMthombo,
Omuncwe emithanjeni ka-Imanuweli,
Lapho izoni zibhukuda khona ngaphansi kwethantala,
Kusuka onke amabala azo ecala.

241 Khulekani nje manje. Mm! Kuhle kakhulu! Awuthandi nje ukuzwa lokho kugeza na? Yilokhu engikhuluma ngakho. Ngimi lapha nje, izinzwane zami ziphakanyiselwe phezulu, nezandla zami zidonswe zaqina, uMoya kaNkulunkulu uhamba esakhiweni.

242 NgiyaWuvumela uzike phansi le, ukuze abantu bakwazi ukucabanga umzuzu nje. Cabanga lemicabango: "Ngingubani mina na? Ngabe ngiyazi ukuthi ngizophila kuze kube namuhla na? Ngizoyaphi uma uNkulunkulu ethatha impilo yami na? Ngiyalazi iqiniso likaNkulunkulu manje." Amen. Cabangani nje.

243 Ukubona okumnandi kunakho konke! Gcinani amehlo enu evaliwe, ngibuka into ethize nje esakhiweni, ngibona ubungcwele, uNkulunkulu enza isidleke saKhe manje phansi ngqo enhliziyweni yakho, engenisa iZwi manje, ebeka lapho: "UJesu Kristu onguye izolo naphakade," ufukamela lokho enhliziyweni yakho. "NginguYe owayekhona, okhona, nozayo," ngifukamela lokho enhliziyweni yakho, niyabo.

Umnene kangaka! NiyaMthanda na?

Bese kuthi-ke ngeliphakeme, iculo elimnandi,
Ngizocula elaKho . . . ukusindisa,
Lapho lokhu kutetema, ulimi olungingizayo
Lulele luthule ethuneni.

244 Manje, nina eniMthintayo, futhi nizwa ukuthi Uzakhele, futhi wabeka amanye amaZwi, nento ethize enhliziyweni yakho owaziyo ukuthi ungaphuma lapha ungumuntu ongcono, uzizwele ukuthi unamavithamini okhozi enhliziyweni yakho manje azokwenza ube wukhozi, phakamisa isandla sakho

kalula ngempela kuYe, kunjalo, wena uthi, "Ngiyakholwa, Nkosi, Uzongenza ukhozi ngomusa waKho, angifanele, kodwa ngiwukhozi lwaKho kusukela manje kuqhubeke." UNkulunkulu akubusise. "Ngingandiza, angikhathali ukuthi ini, inqobo nje uma ngibuka iZwi laKho elikhulu lapha, futhi ngithi, 'Uyafana, ngiyakholwa ukuthi Uyafana, ngiyaKukholwa ngayo yonke inhliziyo yami.'"

245 Lowomuzwa omnandi! Ngiqaphelile nje, kuza ngqo, kuqonde ngakimi, kuza leyoNgelosi yeNkosi, lokho kuKhanya. Ngiyazi ukuthi Ibilapha ndawo ndawo, Iseduze nomsamo manje. Ngithatha wonke umphefumulo ophakathi lapha ekulawuleni kwami, eGameni likaJesu Kristu, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Ngifuna nibe nokukholwa manje ukuba nikholwe. Ningangabazi, yibani nokukholwa. Manje phakamisa ikhanda lakho, kalula ngempela, manje bukani ngapha.

246 UJehova-Khozi, amandla aKhe amakhulu! Ukhozi luyinzalo yaKhe. Ngabe kunjalo na? Izinto ubaba ukhozi azenzayo, eyakhe encane, indodana yokhozi yenza ngokufanayo. Ngabe kunjalo na? Uma uJehova-Khozi, khona-ke indodana yaKhe ukhozi (Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?), indodakazi yaKhe ukhozi, bonke bayafana. Akunjalo na?

247 Ngiqagele bekukhona okungenani ezingamashumi amane, izandla ezingamashumi amahlanu, noma ngaphezulu, eziphakamile emizuzwini embalwa nje edlule, ngensindiso. Ngaphambi kokuba ngibacele ukuba bame, uMoya weNkosi ungena esakhiweni njengamanje. BengiWubhekisisa khona emuva phakathi *lapha* ndawondawo, kulesosigaba *lapho*, Ubuhamba, ulokhu uhamba *ngaleyo*ndlela, futhi khona-ke Uhambile wenyuka, wawela emsamo, wehla futhi wahamba *ngaleyo*ndlela, futhi khona-ke ngiyaWubona unyamalala emuva phakathi *lapha*, futhi khona-ke ubuyela ngqo phezulu nga*le*ndlela futhi, wahamba wazungeza phezu kwesakhiwo.

248 Manje, ungangitsheli ukuthi angazi ukuthi ngikhuluma ngani, ngiyazi, ngiyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Ulapha. Ngikholwa ukuthi Wayeqonde ukuthini ngalokho, ukuthi Wayezungeza izethameli zonke. Kunjalo. U—Uyakuthanda, U—Ufuna wena, Ufuna ukuba uMkhonze. U—U . . . Wena ungowaKhe, Ungowakho, UyiNkosi yakho, uMsindisi wakho. Manje, yinye kuphela into ongayenza, futhi lokho ngukukholwa, yilokho kuphela, yileyonto kuphela ongayenza, kholwa, bese-ke uNkulunkulu eqinisa ukukholwa kwakho ngokukunika uMoya oNgcwele.

249 U-Abrahama wakholwa nguNkulunkulu, futhi kwabalelwa kuye ukuthi kungukulunga, kepha uNkulunkulu wamnika uphawu lokusoka ukuqinisa ukukholwa kwakhe. Inqobo nje uma ungakawemukeli uMoya oNgcwele, ungahle ube

nokukholwa, kunjalo, kodwa uNkulunkulu akakakuqinisekisi okwamanje. Futhi lapho usubekwe uphawu, ubekwa uphawu kuze kube lusuku lokuhlengwa kwakho, kwabase-Efesu 4:30, "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu enabekwa uphawu ngaye kuze kube lusuku lokuhlengwa kwenu." Akumangalisi lokho na? Yebo. Manje, Akasindisi kuphela . . . Akaphulukisi kuphela, kodwa Uyasindisa.

250 Ngibhekisisa lowoMoya lapho Uhamba. Manje, ufanele ube sesimweni esithize, impela, sonke asenziwanga ngaleyondlela, kunjalo impela. KwakuseBhayibhelini ngaleyondlela, impela kwakuyikho, niyabo, njalo. Kodwa ngangiMbhekile. Manje Usubuyile futhi, ngibuka Wona ngqo manje, *Nanku* futhi.

251 Nje, yisho izwi elifanele, yisho into efanele nje, kuyilokho okushoyo. Bangaki abafunda incwadi, noma, ngiqagele kuseteyipini, lapho lenkonzo entsha, nje, lowo wesifazane washo into efanele nje na? Ngathi, "Cela noma yini oyifisayo manje, futhi ubone ukuthi uNkulunkulu uzokwenza yini. Uzokunika khona manje. Anginandaba . . . "

Wathi, "Ngifanele ngiceleni, Mfowethu Branham na?"

252 Ngathi, "Noma yini oyifunayo." Ngathi, "Nakhu kuhlezi udade okhubazekile; uyihlo nonyoko umpofu; awunamali; ungumfelokazi. Ufunani na?"

Wathi, "Noma yini?"

253 Ngathi, "Thola ukuthi ngabe kuqinisile noma qha." Leyo yinkonzo entsha nje yenyuka, kade ngimi lapha ishumi nanhlanu, imizuzu engamashumi amabili ngiYilindele. Niyabo? Yisho nje okuthandayo, niyabo, Uzofanele angitshele kuqala.

Ngathi, "Dadewethu Hattie, vele usho noma yini ofuna ukuyisho."

Wathi, "Isifiso esikhulu kunazo zonke senhliziyo yami ngabafana bami ababili abayinjejane, lapho, ukuze basindiswe."

Ngathi, "Ngibanika wena, eGameni likaJesu Kristu." Bawela ethangeni lakhe, khona lapho. Niyabo? O, izinto *ezinjalo* yenzekile!

"Uma ukholwa!"

254 Lelinenekazi elihlezi khona lapha, khona phandle lapha, likhuleka, linokwethuka, akukho themba ngalo, abacabangi. LingelaseMississippi. Kunjalo. Ukuze wazi, uyihlo uyagula, naye, akanjalo na? Ungumshumayeli, akasuye na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Ngiyakukhulula, eGameni likaJesu Kristu, kulokho kuphuka. Hamba, futhi usuphulukisiwe, Nkk. Hansen.

Angikaze ngimbone empilweni yami. Mbuze uma lezozinto zingesilo iqiniso.

Ngabe ziyiqiniso, nenekazi na? Vayizelisa isandla sakho, uma lokho kunjalo. Siyizihambi na? Vayizelisa isandla sakho.

Uthinteni na? Kuyini na? O, he! Nguyena izolo, namuhla, naphakade. "Izinto eNgizenzayo, nani niyakuzenza." Ningamakholwa na?

255 Awukwazi ukulala lapho uya ekhaya uvela, ebusuku, uvela ebandleni, uyakwazi, nenekazi na? Ngiyakubona ulele lapho, uphenduphenduka nxazonke, uhamba. Izolo ebusuku ube nobusuku obesabekayo, ubungenabo na? Kunjalo. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu, noma, inceku na? Uyakholwa na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Kulungile. Uma ukholwa kanjalo, yini engingayenza ukuba ngikusize na? Uma ngikutshela—uma ngikutshela, ukhululiwe, uyakukholwa na? Lapho obekungubumnyama phezu kwakho, sekuphenduke kwakhanya. Igama lakho unguNkk. Heuser. Kulungile, ungabuyela ekhaya, futhi uphiliswe. UJesu Kristu . . .? . . .

256 Nenekazi, wena ohlezi eceleni kwakhe, ubenomusa kabi ukumshaya ngesibhakela ukumenza azi ukuthi bekunguye. Bekungesiwe ushaya ngesibhakela lelonenekazi, ulitshela na? Bengicabanga ukuthi ubulitshela nge . . . Awu, unokuthile engqondweni yakho, ngakho uma u . . . Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzosebenza isimangaliso na? Kulungile. Lowo ohlulwa wuphuzo uzosinda, uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Kade ukhulekela umfowenu isikhathi eside.

Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Manje, bafo, lokhu akusikho ukudlala isonto, lawa ngamandla eNkosi uNkulunkulu.

Lapha, nakhu kuhlezi inenekazi eselikhulile, libuka laphaya, aliqondi nje impela ukuthi kumayelana nani konke, lelinenekazi elihlezi khona emuva lapha.

257 *Lapho* lokho, kulenga lokho . . . Angeke . . .? Ngi—ngiyazi, asikho isidingo sokunibuza lokho. Ngibuka ukuKhanya, kulenga phezu kwalo ngqo.

258 Lihluphekile, liyagula, linenkathazo yezinso, inkathazo yenhliziyo. Liyageja, manje be- . . . Nkk. Weir, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. UNkulunkulu akubusise. Sukuma ume ngezinyawo zakho, futhi uphulukiswe.

259 Manje, uma ngingakwazi, futhi ungangazi, vayizelisa isandla sakho emuva naphambili, ukuze abantu bazi. Ngabe konke Akutshele khona bekuyiqiniso na? Uma lokho kunjalo, vayizelisa . . . Sukuma ngezinyawo zakho ukuze abantu bazi ukuthi lokho kuyiqiniso, uma yonke into eshiwo iyiqiniso, futhi wena nami siyizihambi.

260 Haleluya! Hamba uye kokuluhlaza okwesibhakabhaka, bese ubhakuzisa amaphiko akho. Amen. Haleluya! Kuthiwani

ngakho na? Ngabe ulukhozi na? Ngabe ukulungele ukuthatha ukundiza kwakho? Uma usukulungele ukundiza, sukuma ume ngezinyawo zakho, futhi ubize ukuphulukiswa kwakho, nensindiso yakho, nakho konke okunye okudingayo, angikhathali ukuthi yini engalungile. Wozani, machwane okhozi, sukumani futhi nindize nisuke kuleli lapha ihlelo lezinkukhu eziboshelwe emhlabeni.

261 Nkosi Nkulunkulu, O Nkulunkulu waseZulwini, thumela uMoya waKho namandla aKho kuwo wonke umuntu, eGameni likaJesu Kristu . . .?. . .

